# *YiZweni*

Ngiyabonga, Mfowethu Borders.

Sanibona kusihlwa, bangane. Ningahlala phansi.

2 Impela kuhle ukubuya, kulobubusuku, eSpokane, eWashington, lapho esijabulela khona ukuhlanganyela okuhle kangaka ngaseZwini likaNkulunkulu, ezikhathini ezedlule. Futhi nje bengi . . . ngahlangana nomelusi wenu, futhi ubengitshela ukuthi lesi yisakhiwo esifanayo esasikuso cishe eminyakeni eyishumi nanhlanu edlule, ngenkathi siza sedlula lapha. Futhi sesishintshile impela futhi, sabangcono, futhi siyabonga ngalokho.

3 Futhi sinilethela imikhonzo evela kwezinye izingxenye zezwe, yezihambi, abagogobele njengoba ninjalo, bebheke ukufika kweNkosi. Sikholwa ukuthi usuku luyasondela. Angazi ukuthi kuzoba isikhathi eside kangakanani, futhi uma Engekho lapha namuhla, ngizobe ngiMbhekile kusasa, uma ngiphila, ngilindile nje futhi ngibheke lesosikhathi; ebesikade sikuso, yonke iminyaka.

4 Futhi ngolunye usuku ukubheka kwethu kuzokwedlula, ngokuba sinjengoba u-Abrahama wayenjalo, wasendulo, "Sifuna uMuzi oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu." Futhi ngakho-ke, sizisho ukuthi asisibo abezwe, siba ngabahambi, sifuna lowoMuzi. Konke okwamalungelo ethu alelizwe, izinto esake sazithanda futhi sacabanga ukuthi zazizinkulu kakhulu, njengengcebo yokuphila, njengemali nokuthandwa ngabantu, futhi, o, izinto ongakholwayo azifunayo, khona-ke sibeka lokho eceleni lapho sithola uKristu, futhi Uba yiNsika yethu, nguKristu, iNdodana kaNkulunkulu.

5 Ngiyajabula ukuba nalelibandla . . . kulelibandla, kulobubusuku. Ngiyaluthanda loluphawu, *IBhayibheli Elivuliwe*, lokho kusho ukuthi, "Kuthathe Konke." Yileyondlela esifanele siKuthathe ngayo, *konke* okwaLo. Ngikholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu liwuMgomo uNkulunkulu azokwahlulela umhlaba ngalo, kungeZwi.

6 Ngingowesisekelo seKatolika, njengoba nazi nonke. Nganging umfana osemncane . . . Umama wami nobaba bobabili bashada ngaphandle kwesonto. Futhi bona . . . Ngaba nalolobizo empilweni yami, kusukela ngisengumntwana nje; ngicabanga ukuthi nizifundile izincwadi. Ngangazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu, ngangihlangane naYe, Wayekhulume nami. Futhi nakuba abantu bakithi, babecabanga ukuthi mhlawumbe nganginokwethuka nje, futhi kukhona okungalungile, ngiphatheke kabi, kodwa nga—ngangazi ukuthi kwakukhona uMuntu, owayene . . . Ngakhuluma naYe, futhi Wayekhulume

nami futhi wangitshela ukuthi ngingaphuzi, noma ngibheme, noma ngingcolise umzimba wami, kwakukhona umsebenzi wami okwakumelwe ngiwenze.

7 Futhi ngangifuna ukuthola ukuthi kwakuyini lokho ngenkathi ngiba cishe neminyaka engamashumi amabili ubudala, ishumi nesishiyagalombili, amashumi amabili, futhi ngaya ebandleni, wangitshela ukuthi uNkulunkulu uzokwehlulela izwe ngebandla. Awu khona-ke, uma lokho kunjalo, khona-ke kukhona cishe izinhlangano ezingamakhulu ayisishiyagalolunye ezehlukene zazo, ngakho manje, yiliphi Azokwehlulela ngalo na? Ngakho-ke, ngacabanga, "Uma Elehlulela ngebandla eliKatolika, iLuthela ingaphandle impela. Uma Elehlulela ngeLuthela, iBaptisti ingaphandle. Ulehlulela nga—ngamaMethodisti, khona-ke iBaptisti nayo, ingaphandle." Futhi ngi—ngiyamangala nje ukuthi kwakumayelana nani.

8 Ngakho, ekugcineni, ngithola ukuthi Uzokwehlulela izwe ngeZwi laKhe. Yilokho Akunika umuntu ekuqaleni, ukuqinisa umuntu esonweni, kwakungukunikeza iZwi, futhi nje ukukholwa ngokungesikho ingxenye eyodwa yaLo kungukwehlukana kwaPhakade noNkulunkulu. Yilokho okwenzeka ngenkathi u-Eva, akazange nje angaLikholwa, wazindla nje ngento ethize ephambene naLo. Manje-ke akadingeki ukuba angaLikholwa, azindla ngaLo nje. Futhi noma yini ezindla iphikisane neZwi, khumbula, yisitha, ningakulaleli nhlobo; Kufanele kube yiZwi.

9 Namuhla, sithola izindawo zethu, amabandla, izinhlangano zethu, kanjalonjalo, kuqala ukuba buthakathaka futhi, emva kwalemvuselelo enkulu sidingeke nje ukuba sishanele izwe. Siyathola, ukuthi phakathi lapho, bea—benezela okuncane *Lapha*, noma bahlephule kancane *lapha*, noma okuthize *ngapha*. Lokho ngeke nje kusebenze, akusoze kwasebenza. Ku... UNkulunkulu wayengeke akuvumele kusebenze ekuqaleni.

10 Futhi khumbulani nje, ukuthi wonke umuntu ogulayo, ohlezi lapha kulobubusuku, niyasazi isizathu sokuba nibe lapha, isizathu sokuthi uyagula, yingoba umuntu oyedwa wakholwa ngokusesikho okukodwa okuncane...ingxenye yomusho weZwi likaNkulunkulu. IZwi elilodwa nje, lahunyushwa ngokungesikho nje, yilokho okubangele ukuthi ugule; yilokho okwabangela wonke amathuna phandle lapha; lokho okwabangela konke ukuguga; yilokho okwabangela ukuthi zonke izingane okungakashayi isikhathi sazo, zifile; yilokho okwabangela konke ukufa, kwakungothile nje owalikholwa ngokungesikho iZwi, okuncanyanyana nje. Futhi uma kubangele bonke lobu buhlungu benhliziyo, impela angeke sibuyele emuva ekukholweni ngokungesikho nje okuncanyana kwaLo futhi, sifanele siLithathe lonke, yonke ingcosana yaLo. Futhi yileyondlela uNkulunkulu aLiloba ngayo, futhi yileyondlela engiLikholwa ngayo.

11 Manje, ngingahle ngingabi nakho ukukholwa okwenele ukwenza konke okwaLo kusebenze, kodwa ngokuqinisekile angeke ngime e—endleleni yomunye umuntu onalokho kukholwa. Bengihlale ngithi ngifisa sengathi ngabe ngabanokukholwa okufana nalokho u-Enoke ayenakho, wathatha uhambo oluncane ngenye intambama futhi waya eKhaya noNkulunkulu, akungadingekanga ngisho ukuthi afe. Ngingathanda ukuba nalolohlobo lokukholwa, kodwa uma ngingenalo, impela ngiyalukhulekela, ukuthi ngizoba nalolo. Futhi ngikholwa ukuthi iBandla liza kuleyondawo, i—iBandla likaNkulunkulu elikhethiweyo liza kuleyondawana, kulokho okukhulu, ukukholwa okwedlula ngobuningi.

12 Manje, sisanda kuqeda imvuselelo esizweni sonke, iminyaka eyishumi nanhlanu edlule. Kube khona imvuselelo impela egadla emhlabeni, iyalotha manje eMelika, isicishe ukuphela; futhi thina, sibuya ezinkundleni zemishini futhi sizizwa kabi ngempela emva kokuba sesitshela abantu, ngaleya, ukuthi imvuselelo enjalo ibiqhubeka lapha, bese-ke siyibone ifa. Kusobala, ngokomlando, imvuselelo ihlala cishe iminyaka emithathu kuphela, bese kuthi-ke abavuseleli bahlale cishe isikhathi eside kangako, khona-ke baphila ngodumo lwalokho ababeyikho kuleyominyaka emithathu. Manje, sithola ukuthi imvuselelo, intshisekelo yabantu isiwile ngokuphelele.

13 Manje, intshumayelo yemizuzu engamashumi amabili iyisikhathi eside, eminyakeni eyishumi nanhlanu edlule wawungahlala ubusuku bonke, nosuku lonke nobusuku bonke, futhi nje uqhubeke. Ngahlala izinsuku eziyisishiyagalombili nobusuku ngaphandle kokusuka emsamo, futhi kwakuphindwe kahlanu kaningi lapho njengoba kwakunjalo ngenkathi kuqala. Kodwa manje, isikhashana nje, ukhathele. Niyabo? Abantu abakwazi ukukubamba, kungukuthi, imvuselelo iphelile.

14 Futhi manje, siyabuya nje. . .ngiyahamba futhi, ngiya phesheya kwezilwandle, kuloJanuwari ozayo, ngicabanga ukuthi okolunye uhambo lomhlaba. Bese kuthi-ke ngale e-Afrika, naseNdiya, naseJapani, naseShayina, nasezansi eziqhingini sithola ukuthi kusekhona umlilo ovuthayo phakathi kwabantu lapho, ukuthi imvuselelo isahamba phakathi lapho, kodwa emazweni akithi isilothile.

15 Kuyinhloso yami ukuvakashela abangani bami, abathandiweyo, nginibiza kanjalo, ngehla ngenyuka oGwini lwaseNtshonalanga, ngangisendleleni yami ngiya e-Anchorage, e-Alaska. Lona umhlangano wami wesishiyagalombili olandelanayo, futhi cishe obune nobuhlanu, ubusuku obuyisithupha emhlanganweni. Siyahamba sisuka lapha sehle, sibuyela ezansi ePortland, bese-ke singena eVancouver, bese-ke silungiselela ukuya phesheya kwezilwandle. Futhi ngangifuna ukuvakashela bonke abantu engake ngabazi, phansi naphezulu ogwini lapha, eminyakeni eminingi edlule. Futhi

kwakuyinhlanhla yami enkulu, ngesimemo somelusi wenu, kanjalonjalo, i . . . nabanye abefundisi lapha, ukuma futhi nginivakashele ubusuku obumbalwa. Futhi ngineqiniso nizoba yisibusiso kimi.

16 Into eyodwa kuphela ebengiyifisa, phandle lapha, ngenkathi ngiselapha, ukuthi nibe namanzi ehlukile; sonke siyagula ngalamanzi eninawo. Futhi ngakho uma beninamanzi ahlukile kancane, sibheke yonke indawo, abanawo ngisho amanzi omthombo, ndawo, edolobheni. UBilly uphumile manje, ndawo ndawo, ezama ukuwathola. Izinganyana nabo bonke.

17 Ngakho silapha ukwenza okwethu okwedlula konke, esingakwenza, ngosizo lweVangeli likaJesu Kristu. Futhi sibeka ngaphambili . . . Ngiyabona balethe . . . kunabantu abagulayo ngaphakathi. Bengingazi ngisho noma umfowethu uyakholelwa ekukhulekeleni abagulayo noma qha. Angizange ngibatshele ukuba bakhiphe amakhadi omkhuleko nanoma yini, ngiyangena nje. Ngakho, kulobubusuku, sicabange ukuthi sizokwethulwa nje, futhi sitholane, futhi sibone ukuthi iNkosi izosenzelani.

18 Manje, siyakholelwa ekukhulekeleni abagulayo, sikholwa yikho konke iBhayibheli elikumele. Asibona abenhlangano, noma yiliphi ihlelo, kodwa sikholwa nje iBhayibheli. Futhi ngiyakholwa, ukuthi eTestamenteni eLidala, abafundi beBhayibheli bayazi, ukuthi uNkulunkulu wayenendlela yokuthola ukuthi umprofethi wayeprofetha kahle yini, noma umphuphi wayexoxa iphupho eliyilo. Babeyo . . . Uma kwakungumbuzo, babemehlisela ethempelini, kwi-Urimi neThumimi. Angazi ukuthi nina . . . niyakuqonda engikuchazayo noma qha, kwakuyisivikelo sesifuba sika-Aroni, sasinamatshe ayishumi nambili.

19 Futhi uma lomprofethi eprofetha, akunandaba ukuthi kuzwakala kuyiqiniso kangakanani, uma lezozibani zingakwenzanga lokho kuKhanya okungaphezu kwemvelo phezu kwalesosivikelo sesifuba, abakwemukelanga; kwakungaveli kuNkulunkulu. Akunandaba ukuthi iphupho laliyiqiniso kanjani, uma i-Urimi neThumimi ingakukhanyisanga, khona-ke kwaku—kwaku—kwakungalungile. Manje, lokho kwakuse—ubupristi bobuLevi, babesebenzisa lokho.

20 Manje, ubupristi bobuLevi sebuphelile, futhi esinakho manje, uKristu. Futhi, kodwa sisenayo i-Urimi neThumimi, lokho yi*Lokhu*, iBhayibheli. Akunandaba ukuthi kanjani . . . Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu angenza izinto ezingalotshiwe eBhayibhelini, Kodwa uma Ezokwenza nje lokho oku . . . Abhala ngakho, lokho kuzoba kahle kimi. Ngizo—ngizojabula kakhulu, ukuhlala nje nalokho Akushilo phakathi *lapha*. Futhi ngi—ngiyakholwa Uzokwenza, uma nje singazibekelela ukukholwa

ukukukholwa. Futhi into yokuqala ngeyensindiso, leyo yinto yokuqala.

21 Eminingi yemihlangano yami isekelwe ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, siyazi . . . akusekelekile kukho. Kodwa thina . . . Abantu bayakhuluma nje, ngoba . . . Angazi kungani, ngikhulekela abagulayo nje, futhi bayasinda, uNkulunkulu uyakuhlonipha nje, ngandlela thize, umkhuleko. Futhi ngibonge kakhulu kuNkulunkulu ngezigidi engizibonile ziphulukiswa ngamandla aKhe, zonke izinhlobo zezinhlupheko, nabakhwelwe amademoni, nezinto obungeke neze wenze umuntu akukholwe, ngaphandle uma bengaba lapho ukukubona, begongobele, besontekile kuzo zonke izinhlobo zezinhlobo nokukhubazeka, ubone uNkulunkulu ebenza ba per- . . . abantu beqondile nje, bejwayelekile.

22 EThekwini, eNingizimu Afrika, maduzane nje, ngibe nomhlangano lapho esaba khona cishe kusondele, ngiyacabanga, abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili, emhlanganweni owodwa, enkundleni yomjaho yaseThekwini. NgiMbonile ethatha umfana, lapho emsamo, ngeliny'ilanga, cishe usuku lwesibili lwenkonzo, futhi waqondisa loyo mfana ukuba . . . angikaze ngibone noma yini- . . . Ngavele ngahlehla ngabuka. Wayengalungile ngisho nasemqondweni, futhi wasukuma *kanjalo*, nezinyembezi ziqathakela esiswini sakhe esinqunu.

Futhi ngakusasa ekuseni imeya yaseThekwini, uSidney Smith, wangishayela ucingo, wathi, "Yana efasiteleni lakho, buka ngasogwini lolwandle."

23 Manje, sasinezizwana ezininingi, futhi sasidingeka sizibiyele ngokunqamula imizila yomjaho, ngoba babenezimpi zobuzwe phakathi komunye nomunye. Futhi lapho ngiqeda ngalokho . . . Cishe abantu abahlanu, yibo bonke, bafika emsamo. Futhi ngibone abomdabu boblankethe abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu bemukela uKristu njengoMsindisi wabo ngesikhathi esisodwa, izinkulungwane ezingamashumi amathathu, babhala abaningi kangako. Ngababona bephulela emhlabathini izithixo zabo, kwakubukeka njengokuphafuka kothuli lukhuphukela emoyeni ngenxa, o, amabanga ezindlu zasedolobheni amaningana. Futhi uMnu. . . . Khona-ke ngenza umkhuleko, umkhuleko webandla, wabantu, ngasukuma nje, umsamo futhi ngakhuleka, futhi kwalinganiselwa cishe ezinkulungwaneni ezingamashumi amabili noma ezingamashumi amabili nanhlanu zodaba lwezinhlaka nezihlalo ezinamasondo basukuma bahamba ngesikhathi esisodwa. Lokho ukukholwa okulula, bavele bakubona kwenziwa kanye, futhi lokho kwakwenele; lokho kwakubanele.

24 Futhi ngosuku olulandelayo, uMnu. Sidney Smith uyimeya yaseThekwini, eNingizimu Afrika, idolobha elikhulu, usayizi

ophindwe kathathu noma kane waleli lapha, futhi wathi, "Yana efasiteleni lakho futhi ubheke ngasogwini lolwandle, uzobona into ethize ongakaze uyibone." Futhi amabhasi amakhulu, noma, amaloli lapho, cishe emade njenge... lapho *lelo* washi lasodongeni likhona, noma phambidlana, imibhede yabo, amasondo ayisithupha- nayisishiyagalombili ubude, futhi babenemithwalo yamaloli yamabhodi cishe ayishumi nesikhombisa ababewasebenzisela izinhlaka, izagila ababehamba ngazo, izinto ezazibadonsa. Kwakukhona ayishumi nesikhombisa aleyomithwalo yamabhasi ibekiwe, inqwabelene igcwele, nabantu beza ngemuva, ababekade belele kuyo ngakuthangi, beza ngemuva becula, ngolimi lwabo uqobo lwendabuko, "Konke kuyenzeka, kholwa kuphela."

25 O, he. A, uKristu omangalisa kanjena esimkhonzayo! Uthandeka kakhulu, akumangalisi ukuthi EngusoMuhlekazi wabayizinkulungwane eziyishumi, UngusoMuhlekazi kunabo bonke. Ngakho siMthanda ngenhliziyo yethu yonke, ukuMbona enza lezozinto.

26 Manje, kwehlukile kancane lapha, ngoba uyathola, lapha, abantu baba kakhulu noma kancane ukuthatha ithuba, abalukhuni eVangelini. Kodwa lapho, bavele...angeke ubafundise inkolo yobuhlakani, ngoba ngeke bayemukele. Udlulisa lezozincwajana, noma uye lapho futhi uqale ukukhuluma ngoKristu, noma izinto ezinjalo, bazosuka bahambe bakushiye umile lapho. Niyabo? Bona—bona ngeke bakulalele, okaMohamede, noma akekho kubo, ngoba banenkolo yobuhlakani, bafanele babone into ethize eqinisile, into ethize isebenza, bakubone ngamehlo abo uqobo, bame lapho futhi bakubuke, bakubone kukhulunywa ngakho eZwini, bese-ke kufezeka; yilokho abakufunayo. Kanye kanjalo, bese-ke sekuphelile, bakholwa ngempela ngaleyonkathi.

27 Ngakho uNkulunkulu unguNkulunkulu kakhulu nje, kulobubusuku, njengoba Wayehlala enjalo. Uma Enganjengoba Wayenjalo, Akakaze abenjalo. Niyabo? Kodwa Ufanele abe nguye izolo, namuhla, naphakade. Lelo yiqiniso, siyaMkholwa kanjalo. Siyakholwa ukuthi Uphulukisa abagulayo, Usindisa abalahlekile, Ugcwalisa ngoMoya oNgcwele labo abanezinhliziyo ezilambile futhi abaWulindile.

28 Futhi into eyodwa engingayisho kulokhu...Futhi ngiyazi le Open Bible Standard Church ikholelwa embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, ngoba ngiyamazi uMfowethu DeWeese kanye nabo, engibe nemihlangano yabo, futhi, o, bangaki babafowethu abakahle!

29 Khona-ke ngi—ngifuna ukusho lokhu, ukuthi uthatha umuntu ongasazi isandla sokunene nesokhohlo, emi lapho, abesifazane, bengagqokile nhlobo, indwangu nje, abazi ngisho ukuthi yisiphi isandla sokunene nesokhohlo noma lutho,

kodwa ake bamukele uMoya oNgcwele, ukhuluma kubo, futhi babone okuthize kwenzeka, bese-ke becela futhi bemukele uMoya oNgcwele, benza into efanayo oyenzayo, khona lapha, uma uthola uMoya oNgcwele. Kukhombisa ukuthi oWomuntu wonke, futhi NguMoya ofanayo. Benza ngendlela efanayo futhi benza izinto ezifanayo. Kuyakhombisa ukuthi U... Usemhlabeni wonke. UnguMoya oNgcwele kaNkulunkulu, futhi siyabonga ngaYe, kulobubusuku, ngoMduduzi wethu.

30 Ukubona ukuthi unokugula, angazi noma unganikela yini isikhashana, kusasa, futhi sizokhipha amakhadi omkhuleko, futhi sibe nenkonzo yomkhuleko yabagulayo. Ngabe kuzolunga lokho na? Ingabe kulungile ngabefundisi, bonke, wonke umuntu na? Ngezinye izikhathi sifanele sibuke, ngiyakuzonda ukukusho, kodwa abaningi babantu bakithi beFull Gospel bayasuka ekukhulekeleni abagulayo, abasakholelwa kukho nhlobo. Futhi kukhona i...[Umfowethu uyaphawula—Umhl.] Uthini? ["Sisaqhubeka lapha."] Ngibonga iNkosi ngalokho. Kuhle lokho. Kulungile. INkosi ithanda khona-ke—khona-ke, sizo—sizokwenza lokho.

31 Manje, abaningi kakhulu...Ngaxoshwa ebandleni, lapha kungekudala nje, nomfo wangitshela wathi, "Noma yini..." Ngamcela ukuba afake izihlalo ehholo elikhulu, lapho esasithuthele ukuba kube nomhlangano khona, ukuze abantu bangene. Futhi wenqaba ukusinikeza izihlalo, futhi wathi angeke ngisho avumele-muntu ukuthi ahlale ezihlalweni zakhe okholelwa okuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Leyo yiFull Gospel nayo, okufanele kube yiyo, akusiyo iFull Gospel, kufanele kube yiyo, iphethe lolophawu.

32 NgiyaMthanda. Manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini laKhe, masisondele kuMqambi weZwi njengoba sikhothamisa amakhanda ethu ngomkhuleko. Ngizizwela sengathi siyazana sonke. Asizona izihambi; singabafowethu nodadewethu. Ngifuna ningabi nakho ukwethuka, ngifuna nibe...

33 Manje, nina bantu abagulayo, abelusi basinike ilungelo lendlela manje, ukuthi singahamba sikhulekele abagulayo. Uma uye kwaMayo Brothers, ukuthola inkathazo yakho, uyazi ukuthi ungalinda isikhathi eside kangakanani na? Ubungalinda mhlasimbe izinyanga ezimbili ukuze uthole indawo yokungena, khona-ke bazokuthatha, cishe amaviki amabili ukuze bakudlulisele emtholampilo. Futhi uma usudlule emtholampilo, ubuyokwazi kuphela, uma bengakuthola, okwakungalungile ngawe. Kodwa uma nje uzobekezela, ukholwe kuKristu, futhi ubuke okuzokwenzeka, uzophulukiswa. Angizile lapha ukuzonikhohlisa, ngilapha ukuze nginisize.

34 Manje, bonke abaphakathi lapha one, ngaphansi kwesandla sabo, njengoba nginicela ukuba niphakamise, uma kunesicelo

sokwaziswa kuKristu, ungasiphakamisa nje isandla sakho na? Angikhathali ukuthi kuyini, phakamisa isandla sakho nje, uthi, enhliziyweni yakho manje, "Nkosi, nginokudinga ukuphulukiswa, insindiso. Nginokudinga ko . . ." noma ngabe yini, Ngiqinisekile Ubona yonke indawo. Manje, asi—asikhuleke.

35 Baba othandekayo, siza kuWe, Mninimandla onke, osezindaweni zonke, onamandla onke, uNkulunkulu ongenasiphelo, eGameni Elenele Konke likaJesu Kristu, iNdodana yaKho. Siza ngoba Wasitshela, "Uma nicela noma yini kuBaba ngeGameni laMi, niyophiwa." Khona-ke asinakho okunye esingafisa ukusondela ngakho, ngoba igama lebandla lethu, noma inhlangano yethu, igama lethu uqobo, noma idolobha lakithi, noma uhlanga lwakithi, noma ubuzwe ngeke kumthokozise nhlobo uNkulunkulu, kodwa kuyaMthokozisa lapho siza ngeGama leNdodana yaKhe.

36 Ngakho sisondela kuWe, Baba. Futhi asifisi Wena ukuba usiqondise ngasesiHlalweni sokwaHlulela, kodwa ngasesiHlalweni soMusa, ngokuba sidinga umusa. Singabantu abadingayo, Nkosi, Wena uyazazi izidingo zethu. Uyazi ukuthi yini ebingaphansi kwalesosandla esivele saphakama, kuyo yonke lendlu, Uyazi ukuthi bebedingani. Ngibabonile laba abagulayo, abanye babo bekhubazekile kakhulu ngangokuthi abakwazanga ngisho nokuphakamisa isandla sabo, kodwa bebezama ukusiphakamisa, Nkulunkulu, ngiqinisekile ukuthi ukubonile lokho, ngokuba, "Akukho ngisho umzwilili ongawela emgwaqeni," kwasho uJesu, "uBaba engazi."

37 Manje, Nkulunkulu, ngicela Wena umusa. Siphe ukuthi ngasinye salezozandla eziphakanyisiwe, ngaphambi kokuba lezizinkonzo zivalwe, kulempelasonto ezayo, ukuthi zonke izicelo zizophiwa. Kwangathi abantu bangabekezela. Khumbula, "Labo abalinda eNkosini, bayothola amandla amasha. Bayokhuphuka ngamaphiko njengokhozi." Sikhulekela i—imvuselelo kuleliviki, Nkosi, ukuvutha kukaMoya oNgcwele ezinhliziyweni zethu.

38 Baba, kusukela kumelusi, nenhliziyo yami, konke okukimi, futhi lonke ilunga lebandla kusukela le phansi e—endaweni yabantu abangelutho, kwangathi kungabanjalo, Nkosi, kuleliviki, ukuthi sizobona ngokwedlulele ngokuchichimayo. Kwangathi uMoya oNgcwele ungasihawukela nje ubusuku nobusuku. Sengathi singabona lababantu, bonke ezinhlakeni zemibhede nezinhlaka, bonke, ubusuku nobusuku, bethatha isikhundla sabo, behlezi emuva lapho nabanye abantu, akusadingeki ukuba baphinde bakusebenzise.

39 Siphe, Nkosi, ukuthi sonke isoni esiphiyazayo, umfana, intombazane, owesilisa, noma owesifazane bazobe bekhanya ngoMoya kaNkulunkulu ezinhliziyweni zabo ngaphambi kokuba umhlangano uphele. Kwangathi ibandla elincane,

Nkosi, lingakhula, futhi hhayi leli kuphela, kodwa onke amabandla edolobheni. Kwangathi lapho kungafika imvuselelo yemfeshini endala, ukuthi kungabi uMbukiso woMhlaba kuphela edolobheni elingudade, kodwa kwangathi kungaba yimvuselelo enyakazisa umhlaba. Yilokho esikulangazelelayo, Nkosi, okuzonyakazisa izinhliziyo zabantu, Nkosi, lokho okuzobabuyisela olwazini lweNkosi uJesu, nesihawu saKhe nomusa kubantu baKhe.

40 Manje, Baba, besingeke sikucele lokhu ngaphandle kokuthi sibe nokukholwa ukukholwa ukuthi kungenziwa. Futhi siyakholwa ukuthi ku—kungenzeka impela, Nkosi, futhi mhlasimbe, ukuthi uNkulunkulu uzosenzela into enjalo, futhi sibheke ngabomvu kukho.

41 Futhi manje, Nkosi, siza, futhi ubusise lelibandla nomelusi walo, ibhodi yalo yabaphatheli, amadikoni, nanoma yini ehlangene noma exhumene nalo, onke amalungu alo, nawo wonke amalunga avakashile, nabo bonke abelusi; Nkulunkulu, ungashiyi noyedwa kubo, kusukela komncane kunabo bonke kuya komkhulu kunabo bonke.

42 Futhi sengathi singaba nemvuselelo ezinhliziyweni zethu, Nkosi, sivutha ngoMlilo kaNkulunkulu. Asazi ukuthi sisalelwe isikhathi eside kangakanani, impela kubukeka kungabazisa kakhulu ukuthi sizoba lapha isikhathi eside. Futhi, o, umcabango omuhle kangaka ukwazi ukuthi lemizimba emidala enyanyekayo izoguqulwa ngolunye lwalezizinsuku, "ngomzuzwana, ngokuphazima kweso. Futhi sizohlwithwa kanyekanye, ukuhlangana neNkosi emoyeni." Lolusuku olukhandlayo lokugula, kulendlu endala yabaguliswa izinhlupho yasemhlabeni yesono, siyakukhuphuka ngamaphiko okhozi futhi sindize sihambe ngolunye lwalezizinsuku. Futhi ngisho nokufa qobo lwakho akunakusivimba lesisehlakalo esikhulu, "Ngokuba icilongo likaNkulunkulu liyakukhala, abafile kuKristu bayakuvuka kuqala. Khona-ke kanye nabo siyohlwithwa ukuyoMhlangabeza." Sibheke ukufika kwalolosuku olukhulu, Nkosi. Sisize manje.

43 Kwangathi singahlosa ezinhliziyweni zethu, kulobubusuku, ukuba sithule phambi kweNkosi, silinde kuYo, silinde, umzuzwana nomzuzwana, silindele ukuthi igama elilungile ukuba lishiwo, noma into elungile okufanele yenziwe ezosinikeza ukukholwa okufanele okuzophonseka kahle kungene ezibusisweni zikaNkulunkulu.

44 Njengoba siqhubeka silinda, Nkosi, sifunda iZwi, ngisize, O Nkulunkulu, ukuthi ngizoba qotho ngokujulile futhi ngigcotshwe ngoMoya, busisa bonke abefundisi, ukuthi bazoba njalo, nabo bonke abantu, ngoba kuthatha thina sonke ndawonye, Nkosi, njengoba sibuthene eGameni laKho, silindile eGameni laKho, silindele eGameni laKho ngalezizibusiso,

esizicelile manje, ukuthi zifezeke, sikubeka phezu kwe-altare laKho ngoMhlatshelo weNkosi uJesu, ngakho konke ukukholwa esinakho, sengathi ngamunye wethu, izicelo zethu phezulu lapho, futhi sikucela eGameni likaJesu Kristu ukuba kufezeke. Amen.

45 Manje, asibe qotho ngempela, futhi sibe nethemba manje, ukuthi lokho esikucelile. . . Kungaba iphutha ukucela okuthile bese ungakukholwa. Niyabo, asi—asitholi ubuqotho obanele ngokwethu—ngokukhonza kwethu, sifanele sibeqotho ngokujulile.

46 Futhi ngiyamangala, niyezwa kahle kuvulandi osesitezi na? Hhayi nje. . . Ya, emuva lapho, ngiyasibona isandla sabo. [Umfowethu uthi, "Kuhlolwe konke, kulobubusuku."—Umhl.] Usanda kukuhlola nje, awu, kuhle kakhulu. Lokho kuhle. Manje, angiqondile ukuklabalasa. Ngezinye izikhathi. . . Bengikwejwayele ukukhuluma ngaphandle, futhi ngikhulumela phezudlwana, ngakho angiqondile ukuklabalasa.

47 Futhi manje, yiba nguwe nje, ubelula, uzithobe, ulindele ukufika kweNkosi. Manje, asikholelwa ebukhazikhazini, into ethize ecwebezelayo. Uyazi, bengihlala ngithi, "IHollywood iyacwebezela, kodwa ubuKristu buyakhazimula." Kunomehluko oyinqwaba phakathi kokucwebezela nokukhazimula. IHollywood iyacwebezela ngesigaba esikhulu, futhi—futhi umphakathi, futhi, o, ubukhazikhazi, kodwa i. . . UbuKristu buyakhazimula ngokuzithoba; indlela eya phezulu ihlala njalo iphansi.

48 Manje, ngethemba ukuthi wonke umuntu uzogcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Futhi manje, ngaphambi kokuba ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ufanele ufe kuwe kuqala, ukuze uzalwe ngokusha.

49 Ngisanda kuba sengozini, nisazibona izibazi ebusweni bami, lapho, ukudubula isibhamu esikhulu omunye anginike sona, futhi saqhuma sasakazeka ebusweni bami, iWeatherby Magnum enkulu, cishe amaphawundi angamakhulu ayisithupha nesishiyagalombili omfutho, insimbi ishaya ebusweni bami nasemehlweni ami. Kuyamangaza ukuthi ngisenawo ngisho namehlo, kungumusa kaNkulunkulu nje, futhi. . . noma ngisho ikhanda noma amahlombe. Futhi abakusho kwaba yindaba, kwakungukuthi isibhamu sasivuza umfutho. Kwakuyisibhamu esiguquliwe esasikhona, senziwa ngokusuka kulokho, hhayi i-Weatherby Magnum ejwayelekile, kodwa iWinchester yaguqulwa yaba iWeatherby Magnum. Ngangihlale ngiyifuna, kodwa angikaze ngicabange ukuthi ngingakwazi ukuba nayo, ngangingeke ngivumele noyedwa kubangane bami ukuthi athenge okunjalo, ziyabiza.

50 Manje, niyazi, ngizingela izinyamazane ezinkulu, emhlabeni wonke, e-Afrika, eNdiya, e-Alaska, yonke indawo. Futhi ngenza

okuningi ukudubula okuhlosiwe, futhi nga—ngangihlola lesi sibhamu omunye owayesilungisile...nganikeza i-Weatherby ukuthi isilungise, kodwa akazange asenze kahle ngandlela thize, sasakazeka sabuyela emuva, esikhundleni sokuphuma, sashaya emuva, futhi wonke umshini wavele wancibilikela ezandleni zami. Futhi okunye...Umbhobho wasakazeka eyadini elingamashumi amahlanu, futhi—futhi isibuko esandisayo nezincezu zashaya ezihlahleni, futhi umphini wahamba cishe amayadi angamashumi amabili nanhlanu, angamashumi amathathu emva kwami, okwakusele kukho, futhi ngangimi lapho nje, ngopha nje, negazi lindiza yonke indawo. Engakubona kwakuwumlilo obomvu uhamba cishe ngokuphakama njengosilingi *lapho*, futhi yilokho kuphela engikukhumbulayo okomzuzwana noma emibili.

51 Ini...Nginentshumayelo ngaso. Uyabona, lesosibhamu kwakungesona...ngokuguqulwa sibe yinto esasingeyona, bakha ingcindezi. Esikhundleni sokushaya leyonhlamvu ngal*eyo*ndlela, sashaya umshini *ngale*ndlela. Manje, leyo yindlela efanayo, kuyenzeka lapho umuntu eza kuNkulunkulu, futhi nje axhawule isandla somshumayeli noma okuthize, futhi angabuyeli emuva, futhi afe futhi azalwe ngokusha.

52 Manje, ukuba lesosibhamu sasiqalile, kusukela ekuqaleni, kwi-Weatherby safa, futhi sasenziwe isibhamu esikhulu iWeatherby, sasingeke siqhume sisakazeke. Niyabo, ngoba sasiyoba isibhamu esikhulu i-Weatherby, uhlobo lwayo olufanayo lwensimbi lwenziwe ngokuphela kwazo, nayo yonke into, futhi siphume siqonde ngqo sibe isibhamu esikhulu esijwayelekile okufanele kube yiso. Kodwa ngoba kwase kungenye into, futhi sasingaguquliwe kuphela, kodwa sasiphendukezelwe entweni ethize, futhi yikho okwenza saqhuma sasakazeka.

53 Futhi yileyondlela esizithola ngayo endleleni. Sithola, izikhathi eziningi kakhulu, ukuthi abantu abakwazi nje ukumela i—ingcindezi, yingenx-...yokuba ngumKristu, yingenxa yokuthi abakaze bafe ngempela kuye uqobo, futhi baphinde bazalwe futhi, benziwe ngokufa kukaNkulunkulu ukuze bamele umthwalo, ingcindezi efika ngokumelana nomKristu wangempela.

54 Uzama ukuhamba nongcwele kaNkulunkulu wangempela, futhi uthole ukuthi ingcindezi iyashaya imelane nawe *kanjalo*, uzoqhuma usakazeke bese ubuyela lapho wawukhona okokuqala. Kodwa uma uzelwe ngokusha, futhi wagcwaliswa ngempela ngoMoya kaNkulunkulu, khona-ke ucindezelwa nguNkulunkulu ukuba umelane nengcindezi izwe elingayibeka ngokumelene nayo *kanjalo*, kodwa kufanele kube yilokho kuqala.

55 Manje, ngifuna nifunde kanye nami, kulobubusuku,

esahlukweni se 17 seVangeli likaMathewu oNgcwele, amavesi ama 4 noma ama 5 okuqala okwengqikithi nendikimba.

> *Emva kwezinsuku eziyisithupha uJesu* uthatha *oPetru, noJakobe, noJohane umfowabo, wakhuphukela nabo entabeni ende bebodwa,*
>
> *Waphenduka esinye isimo phambi kwabo: ubuso bakhe bakhanya njengelanga, izingubo zakhe zabamhlophe njengo . . . ukukhanya.*
>
> *Futhi, bheka, kwabonakala* kuYe *oMose no-Eliya bekhuluma naye.*
>
> *UPetru waphendula, wathi kuJesu, Nkosi, kuhle ukuba silapha: uma uthanda, asakhe lapha amadokodo amathathu; elinye libe elakho,* noma *elinye libe elikaMose, . . . elinye libe elika-Eliya.*
>
> Futhi *esakhuluma, bheka, ifu* elimhlophe *labasithibeza: . . . bheka, kwavela izwi efwini, lathi, Lo uyiNdodana yami ethandekayo, engithokozile ngayo; yizweni.*

56 Uma iNkosi ithanda, ngifuna ukuthatha kulokho indikimba, lawomazwi amathathu okugcina: *YiZweni.*

57 Manje, leyo yindikimba encane kakhulu yokuqala imvuselelo, ngomkhuleko esiwukhulekile nezicelo zabantu. Ngokwangemepela sonke isandla phakathi lapha besiphakeme, emizuzwaneni embalwa edlule, okwezicelo. Manje, ngizokholwa ukuthi uNkulunkulu uzophendula zonke zalezozicelo; kukholweni kanye nami, futhi Uzokwenza. Manje, uthi-ke, "Thatha amagama amathathu amancane okwendikimba, *YiZweni*, okwakho konke lokho na?" Yebo. Kwanele lokho. Niyabo, akusiwo u—akusiwo usayizi, yinani lawo, ngoba kwakunguNkulunkulu ekhuluma qobo lwaKhe, "Yizweni."

58 Ngezinye izikhathi yizinto ezincane esizishiyayo ezonakalisa ukukholwa kwethu—kwethu okukhulu. Sizobona okuthile okuncane kuvela, isimo sezulu sishisa kakhulu, bakhathele kakhulu, *lokhu*, noma into ethize encane kanjalo, ozo—ozoyishiya uza emhlanganweni futhi, noma mhlawumbe omunye aphume ohlelweni, kukhona okungahambanga kahle, noma okuthize, bese kuthi-ke, lokho khona lapho, yilapho owehluleka khona. Niyabo, uma . . .

59 Kodwa niyabo, ukukholwa kuqinisekile kakhulu, akulokothi . . . angeke ukuvimbele ukukholwa; akunandaba ukuthi kuyini, uyahamba, kwenze noma kanjani. Akunandaba ukuthi omunye umuntu wenzani, uma ukukholwa, uzohlala nakho, ngoba ukukholwa akunasithiyo; ungahle ube nenqwaba, kodwa ukukholwa kwakho akunaso. Ngakho kuzohlala, vele uhlale nakho ngqo.

60 Manje, njengalapha, eminyakeni ethile edlule, ngaphambi kwe. . . Yini . . . ? Ngenkathi uKing George omkhulu waseNgilandi wayesaphila, wavakashela eCanada, bathi, futhi kwaba khona . . . izikole zonke zaphuma, laphaya, okwe—okwesehlakalo, okwenkosi nendlovukazi. Futhi othisha banikeza a—abantwana amafulege amancane ababengawaphatha futhi bawaphephezelise enkosini lapho idlula, njengokubonga ubuqotho bayo, futhi, ukwethembeka kwabo kuyo, njalo.

61 Futhi lapho inkosi isidlulile, abantwana babefanele bonke babuyele phakathi futhi, esikoleni. Futhi esikoleni esisodwa *esithile*, ngani, ngikholwa ukuthi kwakuseVancouver, ukuthi bonke abantwana bayabuya ngaphandle kwentombazanyana eyodwa.

62 Awu, uthisha waphiyaza, futhi wagijima wangena ezitaladini futhi uqala ukufunisisa umntwana omncane. Wabheka phansi naphezulu ezitaladini, ezimotweni, futhi wezwa othile ebheke phezulu, ekhala njengomntwana. Futhi wabuka, omi ngemva kwesinye sezigxobo zocingo, futhi nakhu kumi isithandwa esincane, simi emuva lapho, nefulegi laso elincane *ngapha*, sikhala izinyembezi.

Futhi uthisha wathi kuye, wathi, wambiza ngegama lakhe, futhi wathi, "Kwenzenjani, S'thandwa na?" Futhi intombazanyana ayizange iphendule.

Futhi wathi, "Awuyibonanga inkosi na?"

Yanqekuzisa ikhanda layo elincane, "Yebo," yayiyibonile inkosi.

Futhi wathi, "Uliphephezelisile ifulegi lakho elincane enkosini na?"

"Yebo," yayiphephezelise ifulegi layo enkosini.

"Awu, khona-ke," wathi, "ukhalelani na?"

Yathi, "Uyabo, ngimncane kakhulu, Thisha," yathi, "Ngiyibonile inkosi, kodwa inkosi ayingibonanga ngiphephezelisa ifulegi lami elincane, bengimncane kakhulu."

63 Kungase kube njalo ngoKing George, kungenzeka ukuthi akayibonanga intombazanyana, kodwa kunento eyodwa ngeNkosi uJesu, angikhathali ukuthi wenza okuncane kangakanani, Uzokubona. Uhlale ilungele. Ubuka wonke umnyakazo omncane owenzayo, futhi Uyakuthanda.

64 Manje, kulesisenzeko, uNkulunkulu uhlangana nabantu baKhe. Manje, izikhathi eziningi uNkulunkulu uhlangana emazingeni amabandla amakhulu; Uhlangana namabandla amancane. Ngesinye isikhathi Wahlangana namakhulu amahlanu, futhi, Wahlangana namashumi ayisikhombisa, ishumi nambili, abathathu, ngisho noyedwa. Akunandaba

ukuthi ibandla lincane kangakanani, uNkulunkulu uyohlangana njalo lapho unesidingo futhi ukholwa ukuthi Uzoba lapho.

65 UJesu wathi, "Lapho kuhlangane ababili noma abathathu ngeGama laMi, lapho Ngiyoba phakathi kwabo." Manje, leso yisithembiso saKhe, uma lokho kungesilo iqiniso, khona-ke alikho iZulu, ayikho iNto enjalo njengoMsindisi, niyabo, uma lokho kungesilo iqiniso. Kufanele kube yiqiniso.

66 Ngakho uNkulunkulu uhlangana namabandla amakhulu, bese kuthi-ke Uhlangana namabandla amancane. Akunandaba nje, noma yikuphi nje lapho umuntu enokukholwa, uNkulunkulu uzohlangana nabo.

67 Manje, kulesisenzeko, kwakuzoba isenzeko esikhulu. Ngakho uNkulunkulu ngokuvamile ubiza abantu, lapho Enokuthile okukhulu ukuba abatshele, Ubizela ndawonye abantu baKhe. Mhlawumbe ababili nje, mhlawumbe abayisihlanu, mhlawumbe abayinkulungwane, kodwa Ubabizela ndawonye, uma Enento ethize yangempela . . . okuthize Azofanele akutshele iBandla laKhe.

68 Manje, kulesisenzeko, kufanele ukuthi kwakukuhle kakhulu, ngoba uPetru, eminyakeni kamuva, wayibiza "ngentaba engcwele." Wabhekisela kuyo ngokuthi "intaba engcwele."

69 Manje, angikholwa ukuthi ngempela wayeqonde ukuthi intaba yayingcwele. Akuyona intaba engcwele, kwakunguNkulunkulu ongcwele entabeni engcwele. Akusilo iBandla elingcwele, njengoba silibiza ngeBandla elingcwele, noma abantu abangcwele, nguMoya oNgcwele kubantu, uMoya oNgcwele eBandleni. Hhayi iBandla elingcwele, uMoya oNgcwele eBandleni, yilokho okwenza okungcwele, ngoba NguYe ongcwele.

70 Manje, uPetru wayibiza "ngentaba engcwele," ngoba uNkulunkulu oNgcwele wayekade ekulentaba. Futhi ngaphambi kokuba uNkulunkulu enze noma yini, ngokuvamile, emhlabeni, Uvamise ukukhuluma ngakho eZulwini kuqala. Senake nakuqaphela lokho na? Ukhuluma njalo eZulwini kuqala. Okungaphezu kwemvelo kuhlale kuzibonakalisa bese-ke kwehla, nakubantu.

71 Uma niqaphela, ngaphambi kokuba u-Israyeli abizwe aphume eGibhithe, UMose wayezamile ukwenza lokho, ekholwa ukuthi wayengumuntu owayezonikeza u—uMlayezo, kodwa wayezame ukukwenza ngentando yakhe uqobo, ngokombono wobuhlakani, kodwa ngaphambi kokuba isikhathi sibe kahle. Kodwa lapho isikhathi sesikahle, kwakukhona isiVakashi esehla sivela eZulwini, KwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe. Wafika esihlahleni esivuthayo, futhi Wakhuluma kuMose ngaphambi kokuba Amthume.

72 Ngikholwa ukuthi wonke umuntu, ngaphambi kokuba aphumele ensimini, ukushumayela iVangeli, ufanele kuqala abe nesehlakalo noNkulunkulu ngaphambi kokuba ahambe, ngoba kulolusuku lobuhlakani, njengoba iBhayibheli lisitshela, kuzofika lolusuku, "Ngokuba bayakuba ngabanawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu; benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika."

73 Futhi baneziqhwaga eziyizihlakani ezweni, namuhla, ezingacishe impela zichaze zikudedise konke uNkulunkulu athi kuyiqiniso. Zingakuthatha ngokombono wesayense yezenkolo, ubuhlakani. Futhi uma nje uthatha ingqondo yakho uqobo yokucabanga, ukuzindla, njengoba u-Eva enza ekuqaleni, bangachaza yonke into yeBhayibheli isuke kuwe.

74 Kodwa uma owesilisa, noma owesifazane ubeke waba ngemuva kogwadule, kulezozihlabathi ezingcwele, lapho okungekho buhlakani obungama, futhi lapho kuxhumana noNkulunkulu ophilayo, akukho develi, noma usosayense, nanoma yini enye engake ikuchaze ikudedise lokho. Wawulapho, kwenzeka, uyazi ukuthi kuyiqiniso. Akekho ongakususa kuwe: Wahlangana noNkulunkulu.

75 Futhi ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu, kuwo wonke unyaka, ethumela isithunywa njalo, okokuqala, uhlangana nalowomuntu endaweni engcwele, ngoba kufanele kube njalo, kunobubi obuningi kakhulu ukuzama ukuchaza ususe konke okungaphezu kwemvelo. Futhi lapho okukhona uNkulunkulu ongaphezu kwemvelo, kuzoba nezinto ezingaphezu kwemvelo ezenzekayo, ngoba Ungaphezu kwemvelo.

76 Manje, uNkulunkulu wakhuluma kuqala, kuMose, ngaphambi kokuba kwenzeke into engaphezu kwemvelo, yezimangaliso zaKhe. Kanti futhi, uNkulunkulu wakhuluma noJohane umBhaphathizi ngaphambi kokufika kukaKristu. Njalo. Wathi, "Lowo owathi kimi, ehlane, 'Lowo oyobona uMoya ehlela kuYe, futhi ahlale, NguYe ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo.'" Niyabo?

77 Manje, uJohane, ngempela, uvela emndenini wompristi. Uyise, uZakariya, wayengumpristi, futhi wafa lapho uJohane esengumfana omncane nje. Esikhundleni sokuthi uJohane ahambe futhi alandele umugqa ofanayo wemicabango yobufundisi uyise ayenayo, umsebenzi wawubaluleke kakhulu, wayengeke nje akwenze ngaleyondlela, wayefanele ahambe aye ehlane futhi alinde lapho aze ezwe, kuqala, kuNkulunkulu, ngoba nguye owayezokwethula uMesiya. Futhi ngalezozinsuku babenazo zonke izinhlobo zezibonakaliso zikaMesiya. Babena*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, futhi *lokhu* kuzoba yiKho.

78 Akungabazeki abaFarisi babeza, bathi, "SinoDkt. Jones phezulu lapha, ungomunye wamadoda akahle kunawo onke.

Ngiyazi uzofanele abe nguMesiya, yilokho-ke, ngoba uyindoda ekhaliphile kakhulu. Uthathana kahle nabantu, ugqoka kahle kakhulu," no—nokunye nokunye; ngamunye wayeyoba nendoda.

79 Ngakho kodwa lapho uNkulunkulu elungiselela ukwenza noma yini, Ubizela omunye eceleni futhi akhulume eseZulwini kuqala. Khona-ke bazi kahle ukuthi bakhuluma ngani, abafanele besabe noma yini noma bathathe noma yini emibonweni yanoma ubani, bazi kahle ukuthi yini edingekayo, futhi bahamba bakuthole. Lowo nguMlayezo uNkulunkulu ahlala ewukhuluma kuqala.

80 Futhi lapha, uNkulunkulu wayezokwenza into enkulu, ngoba Wayeletha uPetru, uJakobe, noJohane. Manje, lokho ngukuthi, ngingakubiza ngethemba, ukukholwa, nothando: iziphiwo ezintathu ezinkulu zikaNkulunkulu. Uthi, thatha uPetru ngokukholwa, noJakobe ngokwethemba, noJohane njalo uthando, okuyisisa. Futhi Uthatha ukukholwa, ithemba, nothando kanye naYe, futhi Ukhuphukela entabeni, ngoba Ulungiselela ukwenza okuthize, Uzokwenza isisho, futhi Ufuna siqinisekiswe. Futhi Uhlale ekuqinisekisa ngofakazi abathathu, ofakazi ababili noma abathathu. Leyo kwakuyinkulumo-mbiko yeTestamente eLidala. "Ofakazi ababili noma abathathu, onke amazwi mawaqiniswe."

81 Futhi Wenyukela entabeni, ubiza lamadoda amathathu, iziphiwo ezintathu ezigqamile zabantu ababenaYe, futhi ubakhuphulela entabeni, futhi khona-ke Uba neziDalwa zaseZulwini ezintathu. Kukhona okufanele kwenzeke, Unofakazi abathathu basemhlabeni noFakazi abathathu baseZulwini. Kukhona uMose, u-Eliya, noJesu eguqulwe isimo, eguquliwe; futhi kwakukhona uPetru, uJakobe, noJohane; okwasemhlabeni nokwaseZulwini konke kuhlangana ndawonye manje.

82 Futhi manje, uMose no-Eliya, futhi khona-ke uJesu wakhazinyuliswa phambi kwabo, futhi ingubo yaKhe yayikhanya njengelanga. Manje, Wayezama ukwenzani lapha na? Sithola ukuthi benyuka, futhi bathola iFu liMsibekele, Ukwembatha kwaKhe kwaguqulwa, isambatho Ayesigqokile, futhi sakhanya njengelanga ekukhanyeni kwaso, neFu laliphezu kwaKhe, neZwi lithi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ngaYo; Yizweni."

83 Manje, ngombono wami, lokho Ayekwenza . . . UNkulunkulu akakaze acele muntu ukuba enze noma yini lokho Angazenzeli Yena uqobo. Yingalesosizathu ngikholelwa ebuNkulunkulwini beNkosi yethu uJesu Kristu, ukuthi Wayengaphezu komuntu. Waye—Wayengaphezu komprofethi, nokho WayengumProfethi, nokho WayenguMuntu, kodwa Wayengaphezu kwalokho, Wayengu-Emanuweli, WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. Ngiyakukholwa lokho.

84 Yilokho impela Ayeyikho, ngoba noma yimuphi umuntu, noma umprofethi, noma umuntu ojwayelekile ubengazalwa njengathi khona-ke sisesezonweni zethu. Kodwa niyabo, Wazalwa ngokuzalwa yintombi. Akekho owayengenalutho angalwenza ngaphandle kukaNkulunkulu qobo lwaKhe. UNkulunkulu, uMdali, wasibekela intombi uMariya, wadala kuyo ingqamuzana legazi.

85 Manje, sonke siyakwazi ukuthi—ukuthi ukuphila kuvela ebulilini besilisa. Njengesikhukhukazi singazalela iqanda, kodwa uma singazange sibe nenyoni yesilisa, ayisoze yachamusela, ayivundile. Ngakho uBulili besilisa kwakunguNkulunkulu. Futhi kwakuyi—yindalo ukuthi uNkulunkulu . . .

86 Manje, nina bantu beKatolika abayigugu lapha, kungesikho ukulimaza imizwa yenu, kodwa uma nithi, "Mariya, nina kaNkulunkulu," awu ubani owayengubaba kaNkulunkulu, uma lowo kwakungumama waKhe na? Niyabo? Niyabo? Yena owesifazane, hhayi umama kaNkulunkulu, wayengumchamuselisi uNkulunkulu amusebenzisa. UNkulunkulu wasebenzisa uMariya, yena akayena umkhulumeli, uyi . . . futhi akayena umlamuleli, ungowesifazane okungukuthi uNkulunkulu, uYise, amsibekela, futhi ngamandla aKhe okudala, ngaphandle kwesifiso socansi nhlobo, wadala kuye iMbewana eyenza iNdodana kaNkulunkulu. Ngakho-ke, Wayengeyena umJuda noma oweZizwe, WayenguNkulunkulu.

87 Omunye wathi sasindiswa ngegazi leJuda, uma sinjalo, khona-ke kwakuzofanele kube udaba lokocansi. Ngakho ku . . . Wa—WayeyiGazi likaNkulunkulu, iGazi elidaliwe, ukuthi uNkulunkulu, qobo lwaKhe, wayesongwe kwencane, iNgane ewusana. Futhi WayenguJehova uNkulunkulu, ebonakaliswe enyameni, manje, hhayi nje u—umprofethi.

88 Abanye abantu bathi, "O, wayeyindoda elungile." Indaba encane—encane: Lapha esikhathini esithile esedlule owesifazane wathi kimi, wathi, "Mnu. Branham," wathi, "Ngi—ngiyathanda ukukuzwa, kodwa," wathi, "kunento eyodwa nje engimelene ngayo nawe."

89 Ngathi, "Uma nje kukhona eyodwa, ayibongwe iNkosi." Ngathi, "Ngiyajabula ngalokho, ngokuvamile kumayelana nayo yonke into." Ngathi, "Futhi uthi unento eyodwa nje na? Asiyizwe, Dadewethu." Wayesonta ebandleni elingakholelwa e—ebuNkulunkuluni bukaKristu. Bakholwa ukuthi Wayeyindoda elungile, umfundisi, futhi babekholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, kanjalonjalo. Kodwa ba—babengakholwa nje ukuthi WayenguNkulunkulu.

Futhi wathi, "Uqhosha kakhulu ngoJesu."

90 Ngathi, "O, he. Uma leso kuyisono esincane enginaso," ngathi, "khona-ke ngi—ngizongena kahle." Ngathi, "Ngi—

ngiqhosha kakhulu ngoJesu?" Ngathi, "Dadewethu, ukube bengingabantu abangamashumi amahlanu, lona, bengingeke ngiqhoshe ngokwanele ngaYe, uma ngiqhoshe imini nobusuku. Bengingeke ngisho okuningi kakhulu ngaYe, akunandaba ukuthi bengingathini, namanje . . . kungaphezu kwalokho, 'Ingxenye ayikaze ixoxwe,' ngemva kokuba sekube yiminyaka eyizinkulungwane ezimbili ekuzama." Ngathi, "'Ingxenye ayikaze ixoxwe!' Ubungathini . . . "

Wathi, "Awu, uthe uyalikholwa iBhayibheli."

Ngathi, "Ngiyalikholwa."

Wathi, "Uma ngizofakazisa kuwe, ngeBhayibheli lakho, ukuthi wayengelutho ngaphandle komuntu," wathi, "uzo—uzokwamukela na?"

Ngathi, "Uma iBhayibheli lisho lokho."

Wathi, "Kulungile, ngizokufakazisa kuwe ukuthi wayengeyena onobuNkulunkulu, njengoba uthe wayenguye."

Futhi ngathi, "Kulungile, ngifuna ukukuzwa."

91 Futhi wathi, "KuJohane oNgcwele, isahluko se 11, ngenkathi uJesu eya ethuneni likaLazaru, iBhayibheli lathi, 'Wakhala izinyembezi.'" Futhi wathi, "Wayengeke abe ngonobuNkulunkulu futhi ekhala izinyembezi."

Ngenza ukuphawula okul'hlaza okuncane kuye, ngethemba ukuthi anikucabangi ukuthi kuzwakala njengokuthuka okungcwele, kodwa ngamtshela, ngathi, "Nenekazi, ingabe lowo ngumBhalo wakho na?"

Wathi, "Yilapho engimi khona."

92 Ngathi, "Lokho kubuthakathaka kunomhluzi owenziwe ngesithunzi senkukhu ebulawa yindlala." Ngathi, "Ngani, awusoze . . . Lokho ngukuthi . . . Ngani, awuqondile ukusho into enjalo enjengaleyo. Ngani," ngathi, "Wayeyikho kokubili uNkulunkulu *no*muntu. Ngenkathi Esendleleni ehlela ethuneni likaLazaru, Wakhala izinyembezi, lelo yiqiniso, leyo kwakuyingxenye yaKhe yobuntu, kodwa ngenkathi Ema lapho, eqondisa amahlombe aKhe amancane phezulu, wayesethi, 'Lazaru, phuma,' futhi indoda yayisinezinsuku ezine ifile yama ngezinyawo zayo, futhi yaphinde yaphila, ngitshele ukuthi umuntu angakwenza kuphi lokho! Lowo kwakunguNkulunkulu, owayekwazi ukukhuluma kuYe." Kwakuyiqiniso.

93 Wayelambile ngesinye isikhathi, efuna ukudla, waqalaza yonke indawo esihlahleni ukuze athole okudliwayo, wayelambile, futhi waqalekisa umuthi, ngoba wawungenamakhiwane kuwo, kodwa ngenkathi Ethatha amabhiskidi amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi waphakela izinkulungwane ezinhlanu, futhi wabutha iziqabetho ezigcwele eziyisihlanu, lokho kwakungaphezu komuntu, lowo kwakunguNkulunkulu kulowoMuntu. Impela kunjalo.

94 Lowo kwakunguMuntu, ngalobobusuku olwandle, lapho Ayeshumayele khona umlomo waKhe waze wahanguka, nomzimba waKhe wawukhathele, namadimoni ayizinkulungwane eziyishumi olwandle afunga ukuthi azoMcwilisa, ngalobobusuku, kulowomkhumbi omdadlana uzanyazanyiswa njengesivimbo sebhodlela, phandle lapho, esiphephweni. Lowo kwakunguMuntu elele lapho elele, kodwa lapho Esevukile, wabeka unyawo lwaKhe phezu komphetho womkhumbi, wabheka phezulu, wathi, "Thula, uthi du," nemimoya namagagasi kwaMlalela, lowo wayengaphezu komuntu, lowo kwakunguNkulunkulu. Impela kwakunjalo.

95 KwakunguMuntu owakhala esiphambanweni ecela umusa, "Ngomile. Ngiphuzise." KwakunguMuntu ekhala lapho, kodwa ngosuku lwesithathu, ngenkathi Ethatha izihluthulelo zokufa, isihogo, nethuna, futhi wagqabula zonke izimpawu zamaRoma, futhi wavuka futhi! Ngani, impela.

Akumangalisi imbongi yathi:

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude le;
> Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
> Ngolunye usuku Uyeza—o, usuku oluyinkazimulo kanje pho!

96 Kulungile. WayengonobuNkulunkulu. U-Emanuweli, yiLowo Anguye. YiLowo Anguye kulobubusuku, "Onguye izolo, namuhla, naphakade." Uma Engesuye kulobubusuku, Wayengesuye ngaleyonkathi. Kunjalo. Unjalo kulobubusuku njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, uyohlala efana. Yebo. Manje, Wayelapho-ke, uNkulunkulu wayezibonakalisa Yena, ekhombisa kuPetru, uJakobe, noJohane lokho Ayekudinga ku-Israyeli.

97 Manje, eTestamenteni eLidala . . . Siyathola ezincwadini zeTestamente eLisha, nakwabaseGalathiya, futhi ngakho, kanjani uPawulu, ekuchaza, Wayebeka iNdodana, njengaseTestamenteni eLidala.

98 Manje, ngenkathi ubaba enenkulu . . . uMbuso . . . Niyaqaphela phakathi—phakathi ngalapha, futhi, eBhayibhelini, lithi kuMathewu isahluko sama 24, ngikholwa ukuthi nguye, noma, qhabo, nguJohane oNgcwele, isahluko se 14, ngizothatha leso, enye incazelo yayo yesiNgisi, yathi, "Ekhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi." Ingabe lokho akuzwakali kuxakile kithi namuhla na? "Ekhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi." Izindlu, endlini encane na? Izindlu eziningi endlini na? Manje, niyabo, lokho . . . Manje, i . . . Futhi abahumushi, abahumusha lokho, benzela inkosi . . . Niyabo, ngalolosuku umbuso wawubizwa ngokuthi i "ndlu," futhi ubaba wayeyinkosi phezu kwendlu. "EMbusweni kaBaba

waMi kunezindlu eziningi," indlela eyiyo, indlela yesiHeberu yokuhumusha.

99 Manje, uMoffatt wakwenza kwaba kubi kakhulu kunakuqala, "Ekhaya elinamakamelo likaBaba waMi kunamakamelo amaningi," njengoba sikhuphukela lapho ukuba . . . Lokho kukhombisa ukuthi umqondo wenyama ungenzani ngeZwi likaNkulunkulu. Kunjalo.

100 Ngama, lapha kungekudala, e-Athens, eGrisi, futhi ngabona isithombe esidwetshiwe salokho abakubiza ngo-*Adamu NoEva*. Lowo Eva wayeyinto ebukeka yesabeka engake ngayibona empilweni yami, futhi u-Adamu wayebukeka njengesiqhwaga sangaphambi komlando. Ngani, kukhombisa lokho, ukuthi umqondo wokwenyama walokho okudaliweyo kukaNkulunkulu oyikho. Kuthatha uMoya kaNkulunkulu ukwembula izinto, futhi iZwi likaNkulunkulu lembulwa nguMoya waKhe kuphela. Kunjalo. "Kufihliwe emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi kwembulelwa izingane, ezizofunda."

101 Lapha, uNkulunkulu wayemi lapho. Manje, Wayenza khona impela Ayebacele ukuba bakwenze. Manje, efeni likababa elikhulu lapho ayenakho, wayenamadoda amaningi aqashiwe amsebenzelayo. Manje, lokhu yimfundiso encane lapha, ngethemba ukuthi akulimazi, kodwa ngifuna ukwenza iphuzu, thola ukukholwa kuqale kahle, ukuthi ngenkathi siqala sizoba sonyaweni olulungile.

102 Qaphelani, manje, ngenkathi ingane eyindodana izalwa kulomndeni, walobaba, yazalwa iyindodana, kodwa nokho, yayingenalo ifa njengendodana nje. Manje, yilapho engicabanga ukuthi thina bantu beFull Gospel sehlisa kancanyana emfundisweni yethu. Niyabo, sithatha umuntu, sithi, "Awu, manje ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ukhuluma ngezilimi, yilokho-ke." Qhabo, usanda kuqala nje, usanda kuzalwa nje emndenini, yilokho kuphela. Yingalesosizathu, namuhla, ukuthi thina . . . amabandla ethu awathuthuki ngendlela abefanele ngayo.

103 Ngiyacabanga, emva kwalemvuselelo enkulu eshanele umhlaba, kuleminyaka embalwa yokugcina, Ngicabanga ukuthi abangcwele bakaNkulunkulu bebefanele babe semazulwini yonke indawo, namandla kaNkulunkulu engena ezibhedlela, nakuyo yonke indawo enye, nezibonakaliso ezinkulu nezimanga, nezimangaliso zenzeka, kodwa Akabatholi abantu, abama bathule isikhathi eside ngokwanele. Uma sihlwanyela imbewu yehlelo, sivuna isivuno sehlelo. Kunjalo impela. Yilokho esikwenzile.

104 Uma uqaphela lelogama, lapho, ngesiHeberu, "imvula yokuqala nemvula yakamuva," *imvula yokuqala* ichaza "imvula yokuhlwanyela," bese kuthi-ke, lapho uMoya wehla, wehlela kwabalungileyo nabangalungile, uma sihlwanyele imbewu

yehlelo, sivele sivune isivuno sehlelo. Yilokho esikwenzile. AmaBaptisti athathe "esinye isigidi ngo '44," futhi kunzima ukusho ukuthi bayini manje, emva kokuba umvangeli omkhulu uBilly Graham, nabaningi babo, beshanelile. Bukani amaPentecostal ethu, ngo-Oral Roberts, noTommy Osborn, namadoda amakhulu kanjalo.

105 Awu, senzeni na? Sengeze amalungu, sanamabandla angcono, ubulungu obukhulu, esikudingayo ikhwalithi, hhayi ubuningi. Yileyo inkathazo. Lokho ngukuzingela koMlobokazi namuhla. U-Eliyeza waba nesikhathi esesabekayo sokuthola—thola ikhwalithi, futhi khona-ke ukumlungiselela ukuhamba kwaba yinto elandelayo, emva kokuba eseyitholile. Ngakho lokho—lokho yinto elandelayo okumele siyenze, sifunisisa lokho manje, uMoya oNgcwele, iNceku kaNkulunkulu, njengoba u-Eliyeza wayenjalo, ukufunisisa leyo ikhwalithi, lobobuqotho, ukuthi into ethize engeke ibuyele emuva eZwini likaNkulunkulu, iyoma lapho, iphile noma ife, futhi ithi Kuyiqiniso, "UNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula."

106 Ngisanda kuqeda nje ukushumayela inkonzo yeviki, ezansi lapha, eGrass Valley ngo-Abrahama, ngeNzalo yakhe, nokunye nokunye. Ukuthi kanjani leyo yangoqobo, iNzalo yobuKhosi ka-Abrahama ibambe leloZwi, kungakhathaleki ukuthi Lizwakala liyinhlekisa kanjani nanoma yini enye, uhlala naLo ngqo ngoba uyiNzalo ka-Abrahama, kunjalo.

107 Manje, qaphelani eTestamenteni eLidala manje, lomfana, ngenkathi ezalwa emndenini, manje, into yokuqala ubaba ayenzile, emva kokuba esekhule ngokwanele ukuba aqale ukufundiswa. . . Manje, uyindodana ngenkathi ezalwa, impela, unegama lomndeni, unalo, kodwa akakabi nefa. Ufanele uthole ukuthi hlobo luni lomuntu azoba yilo ngaphambi kokuba abe nefa.

108 Manje, ubaba, ukuze aqiniseke ukuthi leyondodana ibe nokuqeqeshwa okufanele, wazingela yena kanye umfundisi obedlula bonke abengamthola. Futhi akatholi neze ozoncenga ukuze athole umusa, noma into enjalo, athi, "Awu, ngizokwenza umbiko ngomfana, uqhuba kahle, ngoba ubaba angahle angiphakamise kancane." Uzothola omunye ozomtshela iqiniso. Futhi yena . . .

109 Futhi manje, uma umfana enze kahle ngempela, ukuthi u—umfundisi wayethanda kanjani ukukhuphukela kubaba ngokukholwa ngokwethembeka okuhle, futhi abuke, futhi athi, "Yebo, mnumzane, indodana yakho yenza kahle." Kodwa bekungadumaza kanjani uma ubengakhuphukela lapho futhi amtshele ukuthi umfana wakhe uyimbuka; ubengakuzonda kanjani ukwenza lokho.

110 Futhi ngiyamangala, namhlanje, ukuthi lapho uNkulunkulu ebize ibandla laKhe lePentecostal, cishe eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, angazi uma. . . Futhi ngenkathi Ebiza iBandla ekuqaleni, hlobo luni loMfundisi Alubeka phezu kweBandla na? Wathumela uMoya oNgcwele ukuba abe nguMfundisi. Futhi namuhla, sikusonte ngababhishobhi, nokhadinali, nophapha, nakho konke okunye, nazo zonke izinhlobo zemibono yobufundisi nezimfundiso-ze, lokho kwenezelwe futhi kwasuswa kuleloBhayibheli, abantu baze bangazi ukuthi yini okufanele bayikholwe. Kulungile. Abazi ukuthi bajike ngaphi.

111 Abantu abampofu, njengesixuku sezimvu sine sh-. . . singenamelusi wezimvu, isigejane samahansi engenamholi. Kunjalo. Awazi ukuthi andize aye ngaphi; yonke into, kuvele kwahamba yonke indlela. *Lona* uthi, "*Ngale*ndlela," futhi *lona*, "*Ngale*ndlela," futhi, ngani, abazi ukuthi yini okufanele bayikholwe.

112 Kodwa uNkulunkulu wathumela eBandleni laKhe, uMoya oNgcwele, lowo nguMfundisi, nalowoMfundisi uzokhuluma iqiniso phambi kukaNkulunkulu. Amen. Uyondla futhi afundise abantwana, iZwi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu." UNkulunkulu uzokwahlulela amabandla, ngishilo esikhashaneni esedlule, ngeZwi laKhe, iBhayibheli lathi, ngezwa lokho kufika kimi, iBhayibheli lasho phakathi lapha, i. . . UNkulunkulu uyokwahlulela iBandla laKhe ngoJesu Kristu. Kunjalo. Futhi uJesu uyiZwi, ngakho yiZwi elibonakalisiwe, uma uKristu esalokhu enguKristu, Uthatha leloZwi futhi aLibonakalise. Amen. Nakho lapho okhona. YiZwi eliphilayo phakathi kwethu, liza ekuphileni.

113 Manje, lomfundisi, ukuba-ke lowomfana wayemubi na? Wayengekho emsebezini kayise na? Ubeyokwenza noma yini? Ubeyoba namahloni kanjani ukukhuphukela phambi kukababa futhi athi, "Mnumzane, ngi—ngiyakuzonda ukukutshela, kodwa umfana wakho—wakho akenzi kahle kakhulu nje." Ngicabanga ukuthi ubenga—ubenga—ubengaba namahloni, aphendulele ubuso bakhe le.

114 Ucabanga ukuthi wenzani uMoya oNgcwele, namuhla, lapho ekhuphukela phambi kukaNkulunkulu uBaba wethu, ngombiko ovela ebandleni, wokuthi sehlukene ngezinhlangano ezingamakhulu ayisishiyagalolunye, angeke sibe nenhlanganyelo omunye nomunye, futhi wonke umuntu una*lokhu*, *lokho*, no*kunye* na? Akukho muntu. . . Bebefuna nje ukwenza amalungu amaningi, balethe okuningi *lokhu*, na*lokho*? Ngiyacabanga Uphendula ikhanda laKhe.

115 Ngingasho into eshisayo ngqo lapha, kungahle kulimaze, kodwa niyazi, lena yindlu yokuqondisa. Niyakukholwa na?

[Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyajabula nikushilo lokho, lokho kuchaza ukuthi, "Makube njalo."

116 Nicabanga ukuthi uNkulunkulu ubezokwenzani namuhla, lapho uMoya oNgcwele ufika futhi uMtshele ukuthi, emabandleni ethu, ukuthi semukele izimfundiso-ze esikhundleni seZwi laKhe na? Nicabangani, semukela izivumokholo esikhundleni sikaKristu na? Nicabanga ukuthi Wenzani lapho okwethu...lapho Ekhuphuka futhi ethi amadodakazi aKhe onke aphungule izinwele zawo, egqoka izikhindi, ebhema osikilidi na? Lokho yi...IBhayibheli lathi abanjalo abanakungena. Ukukholwa ngokungesikho...

117 Wena uthi, "Akwenzi mehluko." Ungavumeli udeveli akutshele lokho. Uma uNkulunkulu esho njalo...uPawulu washo, phakathi *lapha*, kwabaseGalathiya 1:8, "Uma iNgelosi evela eZulwini ishumayela noma yiliphi elinye iVangeli ngaphandle kwaleli engilishumayelile, mayibe ngeqalekisiweyo." Kungani kwenze umehluko omkhulu kangaka na? Ngisho nento encane yomkaLoti ngisho ephenduka, ejeqeza, futhi waphenduka insika kasawoti.

118 Ufanele uthathe iZwi. Kukhona ukwehlisa ndawo ndawo. Ufanele ubuyele eVangelini, ubuyele kuKristu, ubuyele eZwini eliphilayo, ungaLedluli ngenxa yokunye okuthize *ngale*ndlela, ufanele uLikholwe.

119 Uma-ke Ehamba, athi, "Abasakholelwa ekuphulukiseni nhlobo, Imivimbo yaKho yayiyize kubo, ngoba bathi, 'Izinsuku zezimangaliso selwedlule'"? O, Ufanele abe namahloni lapho Esho lokho phambi kukaBaba. Yebo.

120 Niyabo, aba—abaLikholwa. Bayasuka kuLo, usuku nosuku bayawa bayaqhubeka futhi baqhubekele kude. Uyakwazi lokho. Akumele ucabange ngakho...Abanye benu bantu abadala senibe kulokhu isikhathi eside kunami, bhekani emuva eminyakeni embalwa edlule, ukuthi kwakuyini: imihlangano yomkhuleko yobusuku bonke.

121 Wenzani namhlanje ebusuku na? Niyeke ngoLwesithathu ebusuku, mhlawumbe ngehora lesithupha noma ngehora lesikhombisa, mhlawumbe anisezi ngisho emhlanganweni womkhuleko, nifuna ukuhamba niyobuka into ethile endala engcolile kwithelevishini, owesifazane othile oshade kane noma kahlanu kwenye indoda, noma indoda eshade kane noma kahlanu, bese uthi uyamthanda uNkulunkulu, ungayi emihlanganweni yomkhuleko. Kunjalo. Ubuka u *We Love Sucy*, noma u-Elvis Presley, noma abanye babo abathengisa ngobuzibulo babo ngenxa yemfucumfucu ye po-...

122 U-Elvis Presley wayengumfana wePentecostal, wathumela imiphefumulo eminingi esihogweni kunalokho uJuda abeyoke akwenze. Impela, ngoba ethatha lamantombazane amancane, futhi athi, "Ngani, ukholwa kakhulu." Ungakholwa into

enjalo. Ezenkolo? USathane naye unjalo, wayenjalo noKayini. Ungakukholwa lokho. Yimisebenzi kadeveli nje ukunikhiphela lapho nina zinganyana kulelophansi ngabo bonke labodum-dum, nawo wonke lowombhedo, i-*Twisti*, nazo zonke izinhlobo zezinto phandle lapho, ukuphila okunenhlamba, ukugqoka ingxenye.

123 Abanye benu besifazane bePentecostal, kuyihlazo. Kunjalo. Nina madoda nizobavumela bakwenze, nibabi ukwedlula bona, ngokukwenza. Kunjalo. Indoda ifanele ibe ngumbusi wendlu yayo uqobo. Kunjalo. Kodwa yini esinayo namuhla na? Akumangalisi singeke sibenakho ukukholwa. Akumangalisi zingeke zibekhona izinkonzo zokuphulukisa eMelika, sisukile kuNkulunkulu.

124 Esikhathini esingeside esedlule, ngama lapho eNingizimu Afrika, emhlanganweni ngeliny'ilanga futhi ngabona abesifazane bomdabu abaningi abangaba yizinkulungwane eziyishumi, babengasazi isandla sokudla nesokunxele, benqunu lapho njengoba beza kulomhlaba, futhi bemukela uKristu njengoMsindisi oqondene nomuntu. Futhi besamile lapho, nezandla zabo ziphakame futhi baMemukela, lapho behlisa izandla zabo, bagoqa izandla zabo ukuze basuke bahambe, bemboza okuningi kwabo njengoba babengenza; uMoya oNgcwele, qobo lwaWo, ubenza bazi ukuthi babenqunu.

125 Ungasho kanjani ukuthi lowo womdabu kablankethe, ongazi lutho ngoNkulunkulu, wemukela uMoya oNgcwele futhi wabona ukuthi banqunu, futhi laba besifazane baseMelika bayahhundula minyaka yonke, futhi bazisho ukuba yiwo, bacula emakhwayeni, namaKristu, okufanele kube yiwo...? Kukhona okungalungile ndawo ndawo, futhi akukhona kuNkulunkulu noma iBhayibheli laKhe, futhi niyazi yiqiniso lelo. Akumangalisi singeke saba nazo izimvuselelo, akumangalisi singeke saphikelela singene *kulokhu*, akumangalisi izinto zingenzeki. UMfundisi uza phambi kukaBaba enikina ikhanda laKhe.

126 O, he, lokho kuyesabeka ngendlela abenza ngayo. Awu, yiqiniso lelo. Yini indaba na? Ithikithi elithile elincane, ithikithi lokudla noma okuthize, noma—noma into ethize encane omunye umuntu asabayo ukusho okuthize. Lelo yiZwi likaNkulunkulu, Lishumayele noma uLiyeke kanjalo.

127 Manje, into eyisimanga, elinye inenekazi lathi kimi, esikhathini esingeside esedlule, nge—ngenza ukuphawula, emva kokubuya, lali...lalinenqwaba yokuzipenda, niyazi i—niyazi i...Nikubiza ngokuthini? I...Ngimbonile omunye ngelinye ilanga. Ukwethembeka, nge—ngezwa kanjalo... NgangiseClifton's esidlweni sasekuseni seBusiness Men, futhi ngangimi ezansi lapho, ngilindele uMfowethu Arganbright, ekhuphuka, nomunye walaba besifazane uyakhuphuka,

ukugunda ikhanda izinwele zibe yinkimbinkimbi okukhulu, niyazi, enye yalezozinto ezinkulu *kanjalo*. Angikaze ngiyibone ingubo enjalo empilweni yami, lokho—lokho kungahle ukuthi kwakungowesifazane obukeka emuhle, kodwa wayebukeka njengesilwane sangaphambi komlando. Futhi wayemi lapho. Angi—angikusho lokho ukwenza ihlaya, lokho ngukuthi . . . lena akuyona indawo yokuhlekisa, Leli yiBhayibheli, Leli yiQiniso likaNkulunkulu.

128 Futhi lapho wama lapho no—nombala oluhlaza okwesibhakabhaka phezu kwamehlo akhe no—nokubomvu phezu kwalokho, futhi, o, nga—ngathi, "Ngingu . . ." Ngi—ngibone isifo sokusha kwesikhumba, ngibone uchoko, kodwa angikaze ngiyibone into enjalo, ngacabanga owesifazane—ngacabanga owesifazane wayegula, ngase ngihamba ngaya ngale kuye, ngangizombuza, e, ngimtshele, ngithi, "Dadewethu, ngixolele, kodwa ngiyisithunywa senkolo, ngikhulekela abagulayo. Ngingakusiza na?" Futhi cishe ngesikhathi lapho, nakhu kuqhamuka ababili noma abathathu abanye abesifazane ngendlela efanayo.

129 Futhi ngacabanga, "Awuqondile ukungitshela ukuthi laba baseMelika baziphatha kanjalo!" Ngangibababona abomdabu *laphaya* benza lokho. Lokho ukhondolo lobuhedeni, sengiyababona befaka udaka ebusweni babo, nezinto, futhi benza umbala, kodwa lutho e, lokho abantu abaphucuzekile abafanele babe yikho. Ukhuluma ngempucuko, si . . . isiqongo esidala sishwibikela emuva. Kunjalo impela. O, ihlazo elinjena!

Ngasho okuthile ngakho ngesinye isikhathi, inenekazi lahlangana nami ngaphandle, lathi, "Mnu. Branham, ngikunika ukuba uqonde, ngiyiPentecostal."

Ngathi, "Awu, ayibongwe iNkosi, khona-ke yenza njengalo."

Wathi—wathi, "Awu," wathi, "ucabanga ukuthi kuyiphutha, khona-ke, ukuba owesifazane . . . Ushilo ngowesifazane egqoka ingubo yendoda?"

Ngathi, "IBhayibheli lasho . . ."

Wathi, "Angizigqoki izikhindi," wathi, "Ngigqoka amaslekisi."

Ngathi, "Lokho kubi kakhulu; iBhayibheli lathi kuyisinengiso kowesifazane ukugqoka ingubo, ephathelene nendoda." Kulungile.

130 UNkulunkulu akanasiphelo, uNkulunkulu akasoze aguquka, isinqumo saKhe siphelele. Ngikhombise isikhathi esisodwa uNkulunkulu aguquka ngaso; Akakwenzi. Wenza izincomo, ensimini yase-Edene, ukuthi indawo kuphela yokukhonza uNkulunkulu yayingaphansi kwegazi, futhi Akakaze ayiguqule, ihlala njalo, Uyayikhazimulisa kuphela: "Ubezwile bethi, lesosikhathi sakudala, 'Ungabulali.' Kodwa

Ngithi kini, 'Othukuthelele umfowabo. . .' Nibezwile bethi, 'Ungaphingi.' Kodwa Ngithi kini, 'Obuka owesifazane ukuba amkhanuke. . .'"

Futhi lalela lapha, wathi, "Awu, ngiyakutshela manje," wathi, "abazenzi izingubo ezinjalo—kanjalo."

Ngathi, "Basayenza imishini yokuthunga futhi badayise izimpahla, akukho—akukho-zaba, uyabo, u—uzosala nje ungenazaba."

131 Lalelani, ake ngibuze. . .ngisho lento eyodwa nje, ngizoyishiya indaba, ngoba lokho kungokwabelusi benu, kodwa mina nje—nje, ukunazisa ukuthi ngicabangani ngakho. Manje bukani, uma ufika eNkantolo yokwaHlulela, benazi ukuthi ningalahlwa, khona lapho, ngokuphinga, kodwa nokho nibemsulwa njengomnduze na? UJesu wathi, "Obuka owesifazane amkhanuke. . ." Futhi abanye benu sifazane nidedela amantombazane enu aphumele lapho, futhi—futhi agqoke lezozingubo, futhi ahambe aphumele lapho. Manje, uma-ke lesosoni sehla ngomgwaqo futhi sibuke lowo wesifazane ngokumkhanuka na? Uzodingeka aphendule ngakho ngoSuku lokwaHlulela ngokuphinga. Ubani okwenzile na? Ubani onecala na? Kwaba nguye, ngokuziveza kanjalo. Kunjalo impela. Ningaxabani nami, xoxa noNkulunkulu ngakho. Kunjalo.

132 Kodwa yilokho. . .UMoya oNgcwele uyenyuka phambi kukaBaba, futhi wathi, "Besingake silakhe kanjani iBandla phezu kwento enjalo na? Kanjani. . .?" Lalelani, bangane, sekuyisikhathi sokuhlanza i. . .kusukela phezu kwepulpiti kuthi ngqo kumlindi-mnyango ezansi lapho, futhi siqale phansi.

133 Kufana nje nesigejane se. . .Uthatha izinyoni, zizalela amaqanda azo entwasahlobo. Futhi inyoni engumama endala ingazalela isidleke samaqanda, futhi akudingekile ukuba ibe nomata wayo, kodwa ingawazalela amaqanda, futhi ingawafukamela, ingawaphendula, futhi ingahlala lapho ize izibulale ngendlala, ize ihlupheke kakhulu ingakwazi ukuphuma esidlekeni, futhi awasoze achanyuselwa. Ngani? Abolile; abolela esidlekeni ngqo.

134 Futhi yileyo nje indaba namhlanje, sivele sangenisa amalungu *amaningi kakhulu*, nokunye nokunye, futhi siwatotosa *lapha*, futhi siwatotose *lapho*, sithole nje isidleke esigcwele amaqanda abolile. Sekuyisikhathi sokuhlanza into, futhi sithole labobantu noMata, uKristu Jesu, neZwi likaNkulunkulu, libuyele esenzweni namandla, khona-ke sizoba nemvuselelo ezonyakazisa okuthize futhi yenze okuthize, khona-ke uzobona uKristu egibela enkundleni emandleni, Angeke eze inqobo nje lezizinto zisaMvimba. Kunjalo.

Akumangalisi uMfundisi ukhuphukela phambi kukaBaba, ashaywe amahloni, futhi athi, "Ya, ibandla laKho. . .Ya, ngiyazi Liyasho ukuthi, kodwa bona—bona abakwenzi."

"Usho ukuthi abakwenzi na?"

"Abakwenzi."

135 Nakho lapho okhona. Ihlazo elinjena pho! Kufanele ukuthi kudabukisa kanjani phambi kukaBaba, lapho uMfundisi ekhuphuka, uMoya oNgcwele, futhi uletha lokho, ngoba UnguMfundisi wethu, siyakwazi lokho. Manje, manje, lokhu, i...Futhi uMoya oNgcwele waloba iBhayibheli, iBhayibheli lasho njalo, "Amadoda asendulo, eshukunyiswa uMoya oNgcwele, aloba iBhayibheli." Ngakho iBhayibheli lilotshwe ngokuphefumulelwa, akukho-kuhumusha kwangasese, Liyindlela nje Elilotshwe ngayo, khona *Lapho*. Vele uLithathe nje, futhi uLikholwe, uLenze, uNkulunkulu uzoLifeza. Angikaze ngiMbone ethembisa noma yini namanje ngaphandle kwalokho Akwenzile; Uyokwenza njalo.

136 Manje, nakhu kufika u—nakhu kukhuphuka uMfundisi. Manje, uma-ke eyaKhe...Ukhuphukela phambi kukaBaba, ukuthi Uzizwa kanjani! He! Uyakhuphuka, futhi uthi, "O, indodana yaKho iyathuthuka! Ifana nje 'nokhamba lufuze imbiza,'" njengoba sikubiza phansi eningizimu. "Ifana naWe nje ncamashi, yona, inentshisekelo nje kakhulu kubo bonke abagulayo nabahluphekile, inentshisekelo kakhulu ekusindisweni kwabantu, inentshisekelo kakhulu kukho konke okwalokhu, ilikholwa lonke iZwi Owalisho. Uyazi ukuthini? Iphethe ibandla ncamashi nje njengoba Ubungaliphatha ukuba Ubulapho. Uyazi indlela iNdodana yaKho eliphethe ngayo, ngenkathi Yayilapho na?"

"Yebo."

"Yileyondlela eyenza ngayo. Futhi Uyazi, Wawulobile phakathi Lapho, 'Unguye izolo, namuhla, naphakade.'"

"Yebo."

"Awu, yilokho nje impela abakwenzayo."

O, he! Manje, ufanele kanjani uBaba ukuthi, "Leyo yiNdodana yaMi! Lowo nguMntwana waMi!"

137 Yingalesosizathu Akwazi ukumamatheka *lapha*, uJesu wayelenze lonke iZwi lakho. Yilokho-ke. Wayekwenzile, impela nje eZwini, manje, ngoba WayeyileyoNdodana ephelele. Futhi Unguye, futhi Wafa ukuba abe nguMvini, ukuze sibe yigatsha, ukuze Asinike amandla ngokuPhila kwaKhe ukwenza ukuPhila okufanayo Ayenakho, ephila kithi, khona-ke sizokwenza into efanayo.

138 UJesu wathi kuJohane oNgcwele 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Manje siyabuka ukuthi Wenzeni. Niyabo, asinaso isikhathi, kulobubusuku, kodwa sizokuthatha kamuva, futhi sibone ukuthi imisebenzi yaKhe wawuyini, mhlawumbe kusasa ebusuku, khona-ke, sibone uma Ezokwenza leyomisebenzi

efanayo, uma Ekwenza, Uhlala enguye. Manje, khona-ke uNkulunkulu uzojabula ngalokho.

Kodwa lapho sizungeza sithi, "Awu, ngiyakutshela, singabaka *S'bani-bani*," futhi . . .

Ngi—ngabuza owesifazane ngesinye isikhathi, emgqeni womkhuleko, ngathi, "UngumKristu na?"

139 Wathi, "Ngizokunika ukuthi uqonde," wathi, "Ngikhanyisa ikhandlela njalo ebusuku," ngokungathi lokho kunokuthile okuhlanganise nobuKristu, Ukukhanyisa ikhandlela njalo ebusuku.

140 Ngathi, "Awu, lokho, akungaphezu kokuphakela izingulube njalo ebusuku." Niyabo? Ngathi, "Lokho bekungeke kube okukhudlwana kimi." Ngathi, "Ingabe uzelwe ngokusha na? Uyamazi uKristu njengoMsindisi wakho na? Ingabe Ube ngokoqobo kuwe na? Ingabe uhlala kuKristu na? Ingabe uKristu uhlala kuwe na?"

141 "Ngalolosuku niyokwazi ukuthi Mina ngikuBaba, uBaba ukiMi, nina . . . naMi ngikini." Yilokho-ke. UNkulunkulu ephila phakathi kwabantu baKhe, yileyondlela.

142 Khona-ke siyathola ngalolusuku . . . Manje, sithatha . . . Uma leyondodana yayiyindodana elungile, yayiyikho impela nje . . . Manje, khumbula, yazalwa iyindodana, manje ungakugeji lokhu, yazalwa iyindodana, kodwa unyaka nonyaka iyathuthuka. Yayihlala isemsebenzi kaYise, yayenza umsebenzi ngendlela nje ncamashi uYise ayenza ngayo.

143 UMfundisi washo kanjani, "O, kuyamangalisa lokho!" Tshela uYise, "Ngani, iyona impela indlela Obuyokwenza ngayo ukuba Ubulapho. Waklabalasela *lokhu*, walahla *lokhu*, unikeza *lokhu* indawo, wenze *lokhu* ngayo impela nje indlela Owenza ngayo, akukho okwehlukile, impela nje. Kufana naWe nje, lapho. Yimpilo yaKho kuYo eqinisekile, ngoba . . . Ungasho impela ukuthi iyindodana kaNkulunkulu, ngoba yazalwa yafana naWe." Niyabo? "Wenza into efanayo, uhlala neZwi laKho ngqo, akalokothi ageje iZwi, uhlala kuLo ngqo, aLidushuze aqhubeka nya."

"O," uYise kufanele ukuthi athi, "lokho kuyamangalisa."

144 Futhi kufika usuku-ke, uma le ndodana iqhubeka, kufika usuku, kulokho abakubiza ngokuthi, "Ukubekwa kwendodana." Khona-ke ubaba wayebiza iqulu labantu ndawonye, emzini, uthathe indodana yakhe uqobo, futhi wayembathisa ingubo ende ethandekayo, futhi ammise phezulu ukuze wonke umuntu abone, waba nomkhosi, futhi wayeyenze indodana indodana yakhe uqobo eyayizalelwe ekhaya lakhe, noma "wayibeka." Futhi ngenkathi ekwenza, lelogama lendodana, emva kwalokho, lalilihle nje njengegama likayise, eshekeni, kumbe noma yini. Ukusayina kwakhe,

ngalezozinsuku, kwakuwuphawu, indandatho, ngoba abaningi babo babengakwazi ukubhala. Kwakuyicala lokuphonswa ejele ukuba uke. . . ukukopisha lolophawu. Futhi babefanele bakwenze, ngemuva kwendandatho futhi babeyigxusha, *kanjalo*. Futhi wayengafaka indandatho kayise. Ngani? Igama lakhe lalilihle nje njengoba lalinjalo elikayise.

145 Manje, yilokho uNkulunkulu azama ukuletha iBandla laKhe kukho, endaweni ukuthi lapho singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Niyabo? Kodwa ba. . . Siya—siyakhathazwa. Sivumela yonke into. . . Futhi manje, i—izwe, lizama ukugqiba into yangempela phansi, lizama ukwenza abantu besabe ubukhomanisi. Ungabesabi ubukhomanisi, abulutho.

146 Ubukhomanisi. . . Ngifuna ukunibuza okuthize nina bafundi beBhayibheli. Ngifuna umuntu othile angivezele umBhalo, noma yikuphi, ukuthi ubukhomanisi buyoke bubuse umhlaba. Ngani, ubukhomanisi yinto ethile nje edlala ezandleni zikaNkulunkulu, uma ufunda iBhayibheli, ukushisa isifebe, ukusihlupha. Ubukhomanisi angeke bubuse umhlaba, kodwa iBhayibheli lathi ubuRoma buyobusa umhlaba. Futhi niyakubona, njengamanje, e-White House nokuqala. Ngakho, nina maDemokhrathi ampofu, niyabo, qhubekani (Kulungile, kulungile.), nithengise ngobuzibulo benu ngenxa yemfucumfucu yezombusazwe. Ngizovala kulokho. Kodwa lindani. . .

147 Nokho, ake sibuyele kulokhu, ekubekweni kwendodana. Ngenkathi ubaba ebeka leyondodana ngokwendawo, khona-ke noma yini ayenzile, yayilungile kuyise, ngokuba yayinophawu lwakhe.

148 Manje, yilapho iBandla elifanele libe khona namhlanje. Emva kokubona uNkulunkulu, libona amandla aKhe, bekufanele kube ukuthi iBandla liyaphuma ngqo futhi lithi, "EGameni leNkosi uJesu Kristu," usebenzisa iGama likaYise, likubone kufezeka, "ISHO KANJE INKOSI!"

149 Manje, uJesu, ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, "Angenzi lutho aze uBaba aNgibonise," uJohane oNgcwele 5:19. Sifanele sibe sesimweni esinjalo aze uBaba asibonise noma yini, futhi kubukeni, ngokuphelele nje, ngaso sonke isikhathi kwenzeka, *kanjalo* nje. Niyabo? Njenge. . . Nakho-ke. Yilapho indodana ibekwe khona. Yilokho esifanele sibe yikho, sibekwe ngokwendawo kuKristu. O, bekungaba yisikhathi esinjani.

150 Ukuthi ibandla selisilele kanjani! Ukuthi sizithathe kanjani izimvuselelo ezinkulu futhi sazizuzela ngalo, esikhundleni sokomoya, saziletha kubantu njengamadodana angempela namadodakazi kaNkulunkulu, sigcwele uMoya uvutha ezinhliziyweni zethu imini nobusuku.

151 Khumbula, iBhayibheli lathi, "UMoya oNgcwele ubeka uphawu kuphela labo ababubula futhi bekhala ngezinengiso esasenziwa emzini." Ngiyathanda ukukhipha umelusi wenu,

ngithathe abanye abelusi lapho, "Ingabe unakho. . .Mangaki amalungu ebandla lakho, alala ngobuso bawo, futhi akhale ubusuku nobusuku, nsuku zonke, ngezinengiso ezenziwa emzini na?" Lapho. Niyabo, intshiseko isiphelile yonke.

152 Sibhekile ngaphandle, saze saba nebandla elihle, sinesakhiwo esihle kakhulu. Kulungile lokho, akukho engingakusho ngokumelene nalokho. Inhlangano enhle, akukho nelilodwa igama elimelene nalokho, kulungile lokho, Angimelene nalutho nalokho. Kodwa engizama ukukusho, nishiya iNto esemqoka. Nishiya iNto esemqoka: uKristu walelibandla, uKristu kulenhlangano, uKristu lowo. . .Ubheke inhlangano, ubuka ibandla esikhundleni sikaKristu, noKristu uyiZwi, neZwi liqinisile.

153 Manje, nakho-ke esikufunayo, bangane. Yilokho esifuna ukukubona kuleliviki, asinjalo na? Sifuna ukubona lowo Kristu, ehamba ehlela lapha ngqo, angezi kuwe futhi athi, "O, melusi othandekayo, bazalwane abathandekayo, bazalwane bami abangelusi, ngethula kini, enye inhlangano ezokwedlula i-Assemblies of God, noma iChurch of God, noma i. . . konke *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Awu, ngolunye usuku siyokhula sidlule iKatolika." Manje, umbhedo kulokho. Okungukuthi, kungahle kulunge, kodwa sileyithi kakhulu ngezinto ezinjengaleyo. Singakushumayela kanjani ukufika kukaKristu osekuseduze futhi senze ngendlela ibandla elenza ngayo namuhla na? Izigidi zamadola ezakhiweni, nakho konke okunye, futhi wenze-. . .futhi uthi uKristu uyeza, ngani, isenzo sethu uqobo siyakulahla esikhuluma ngakho. Manje, lelo yiqiniso.

154 Angiqondile ukuba nesankahlu, bangane, kodwa asikubeke phansi lapha. Asikubheke. Yilesosizathu. Sifanele sibuyele kuleliZwi. Sifanele sibuyele kuNkulunkulu weZwi, neZwi linguNkulunkulu. Niyabo?

155 Manje, uJesu wayefakwe ekuhlolweni nesekuvivinyweni, futhi, "Yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele ilaywe futhi ivivinywe. Uma ingeke imele ukulaywa, iba umntwana wesihlahla, futhi hhayi umntwana kaNkulunkulu, indodana kaNkulunkulu." Kunjalo.

156 Manje, buka kulele lapha, kweyethu i—i. . .Bukani, kulele lapha ogulayo nohluphekile. (Angisho ukuthi ngabelusi abenza lokho, manje, kungahle kube ngabantu.) Futhi bathi, "Awu, mhlawumbe, bonile?" A—angazi, lokho kukuNkulunkulu.

Kodwa ngesinye isikhathi kwakukhona indoda. . .Yathi, "Ngubani owonayo, nguye, noma nguyise, unina na?"

Wathi, "Noyedwa, kodwa ukuze imisebenzi kaNkulunkulu ibonakaliswe."

157 Bekungaba kuhle ukubona yonke lemibhede eyizinhlaka nezihlalo ezinamasondo zithululwa, lapha ngobusuku

obubili noma obuthathu obulandelayo? Bekungeke yini kube yinkazimulo lokho na? Khona-ke ukubonakaliswa kukaNkulunkulu kuzoba lapha. Bekungeke yini kumangalise ukubona uMoya kaNkulunkulu ungena phakathi lapha futhi wephule imvuselelo phakathi, kuze kube oyedwa okhala usuku lonke nobusuku, futhi umhlangano ubungeke ngisho uvalwe, uvele uhambe ubusuku bonke nosuku lonke? Abantu bebengeke ngisho bafune. . .ngisho balambe, bavele bahlale lapha, nje bezitika ngobuhle bukaNkulunkulu.

158 Amaphephandaba abeyobe ekubhala yonke indawo, *kanjalo*, nabantu bevela eMbukisweni woMhlaba ukuzobona ukuthi hlobo luni loNkulunkulu olungileyo ayekwembathile, kunjalo, evela eSeattle eya eSpokane. Kungenzeka. Ake uNkulunkulu angene phakathi kwethu.

159 Manje, sithola uNkulunkulu, ngifanele ngivale manje kulokhu, uNkulunkulu emi lapho, futhi bhekani, Wakhuphula iNdodana yaKhe uQobo, emva kweyaKhe. . .Khumbulani, Waqonda ngqo eKalvari esuka lapho. Futhi wakhuphulela iNdodana yaKhe uQobo lapho. Futhi Wenzani na? WaMkhombisa ekuFikeni kwaKhe, WayeMkhazimulisa. Nango Wayemi lapho, futhi "ingubo yaKhe yacwebezela njengelanga." Ngamanye amazwi, uNkulunkulu wathi, "Kade ngiinguBaba waKho onyakeni wonke, kodwa manje, indlela kuphela yokusondela kiMi, kusukela kulokhu kuqhubeke, kungaYo. Le iNdodana yaMi ethandekayo." Niyabona ukuthi Wayenzani na? Ukwenziwa indodana, ukubekwa. Niyabo? "Lo iNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni."

160 Manje, uPetru, wajabula ngokwedlulele lapho ebona okungaphezu kwemvelo. Yileyo inkathazo namuhla. Babona amandla angaphezu kwemvelo, futhi bonke bajabula ngokwedlulele. Yilokho okwaqala yona kanye into yokuqala, ngenkathi isibusiso sePentecostal siqala ukwehlela kubantu bePentecostal eminyakeni edlule; Ngicabanga ukuthi ngangingakazalwa ngaleyonkathi, kodwa ngizifundile izincwadi zabo. Futhi uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo, noNkulunkulu uqala ukubuyisela iziphiwo zokukhuluma ngezilimi zibuyele eBandleni. Khona-ke bonke bajabula ngokwedlulele, nomunye wathi, "Uza ngehhashi elimhlophe; uza ngefu elimhlophe. Awu, sizozenzela nje inhlangano yethu."

Khona-ke banabantu ezansi, futhi bane. . .bangenisa yonke into ebandleni, futhi nje. . .esikhundleni sokukuyeka nje.

161 Wayazi kancane u-Israyeli, ngenkathi bebone uNkulunkulu enyukela lapho, bacabanga ukuthi isikhathi seminyaka eyiNkulungwane sasesibalungele, babona uNkulunkulu eshaya abaseGibhithe, futhi ebacwilisa oLwandle oluBomvu, futhi enza zonke izinhlobo zezibonakaliso, futhi emi lapho kulolosebe, noMiriyamu, naleyothamborini, eshaya futhi ememeza, futhi

egxuma, noMose ehlabelela eMoyeni, ngani, babengekho kodwa cishe beqhele ngezinsuku ezintathu ezweni lenkazimulo, babengazi ukuthi babeneminyaka engamashumi amane ngaphambi kwabo nokho. Kanjalo nePhentekoste lalingazi ngenkathi uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo okokuqala.

162 Kodwa niyabo, lapho abenza khona iphutha labo eliwubudedengu kwakungu-Eksodusi 19, ngenkathi besukile emseni uNkulunkulu ayesevele ebahlinzeke wona, futhi wabatholela umprofethi, neNsika yoMlilo, nomhlatshelo, nokwenza izibonakaliso nezimanga. Umusa wawuhlinzeke lokho, kodwa babefuna okuthile ukuba bazenzele bona, babefanele babe nokuthile ukuze bazenzele odokotela bezobunkulunkulu, ngakho babefuna umthetho. Yilapho abafela khona, futhi bahlala khona lapho zaze zafa zonke izilwi ezindala. Kunjalo. Khona-ke uNkulunkulu uyafika, futhi wathatha isigejane esisha, futhi wawela iJordani naso.

163 IPentecost ihlezi ehlane namhlanje, into efanayo, izulazula, izungeza igquma elifanayo. Sewake wacabanga ukuthi benzani na? Bashada abasha, bangcwaba abadala, banga izingane, futhi batshala izitshalo, futhi baphumelela. Futhi lokho kulungile, kodwa, mfowethu, kukhona iZwe leSethembiso ngaleya, lapho konke kungenzeka kulowo okholwayo. Sonke isethembiso eNcwadini singeseBandla. UKristu uyiZwi ukuba lingene enhliziyweni yomuntu futhi libonakalise leloZwi. Niyabo?

164 Senelisekile nje, "Awu, ngakhuluma ngezilimi." Lokho—lokho kuhle. "Niyabo, Mfowethu Branham, ngikutholile," futhi wenza ngendlela owenza ngayo na? Ngiyakungabaza. "Niyakubazi ngezithelo zabo." Amanzi awela phezu kukakolo nasokhuleni futhi, niyazi, "Baziwa ngezithelo zabo." Manje, siyakubona lokho.

165 Manje, yilokho esikudingayo, imvuselelo. Sidinga i—i, hhayi i—hhayi i, nje i—i—i [I-alamu lewashi likaMfowethu Branham liyakhala—Umhl.] umbuthano wobufundisi, kodwa imvuselelo.

166 Ningaxhuxhumi, lelo bekuyi-alamu lewashi lami, futhi nima. . .lingitshela ukuthi mina. . .Ebandleni okokuqala ngqa, ngokuvamile, angishumayeli isikhathi eside kakhulu, cishe amahora ayisithupha, kodwa ngalesisikhathi ngibe ne-alamu phezulu lapho, futhi ngibe newashi phambi kwami, ngakho kulungile. Ngithole iwashi le-alamu elincane elivame ukungitshela ukuthi sekuyisikhathi sokuvala. Ngakho-ke, kuningi kakhulu okungashiwo, kuningi kakhulu okufanele kwenziwe. Ngineqembu elihle labantu lapha.

167 Kungani singabi nakho na? Kungani uKristu engenakufana kithi na? Kungani Engeke aphulukise abagulayo na? Ngisanda kukwenza, lapha ngobunye ubusuku, eGrass Valley. Ngibone zonke izihlalo ezinamasondo, yonke into lapho yayiphakathi lapho, ihlanzwe ngokuphelele, kungekho-muntu obuthakathaka

phakathi kwethu; wahamba waphuma ngqo lapho, kungekho noyedwa umuntu obuthakathaka. Kunjalo. Bahlala bathula, futhi balalela baze bakubamba, futhi khona-ke lapho sebekubambile, nakho kuhamba, futhi khona . . . kwakungekho-muntu obuthakathaka phakathi kwethu, cishe okuphindwe kane noma kahlanu kulosayizi weqembu futhi, ya, izikhathi eziningi; kwakusehholo elikhulu. Ngakho-ke, manje qaphelani, kungenziwa, kodwa niyabo, ufanele ube ngokubekezela, ufanele uzimisele, futhi ufanele ube noKristu.

168 Manje, linda, ekugcineni nje manje. UPetru wajabula kakhulu futhi wathi, "Asi . . . " Niyazi, okungaphezu kwemvelo ngokuvamile kwenza abantu baxhuxhume. Niyazi, u-Israyeli waxhuxhuma ezansi lapho, esikhundleni sokuza ngaphansi kokubuyisana, kwakukhona iqembu elingasokile elahamba nabo, "isixuku esixubile," iBhayibheli lisibiza kanjalo. Kwabangela inkathazo kamuvanyana. Okungaphezu kwemvelo kwakwenziwe, futhi kwakukhona isixuku esixubile esasihamba nabo.

169 Leyo yinto efanayo eyenzekile kulemvuselelo, amakholwa ingxenye. Kunezigaba ezintathu kuphela zabantu emhlabeni, okungukuthi: abakholwayo, abazenzisi, nabangakholwayo, futhi bahlala kulo lonke iqembu. Ngakho uyakuthola. Ya. Yilokho-ke. Ngakho-ke, siyabheka.

170 Wayelapha-ke. Manje, uPetru wayefuna, masinyane impela, wayefuna igunya lokuthengisa kulokhu, wathi, "Asiqale amahlelo amathathu kukho. Sizokwakha idokodo lapha laKho, futhi sizokwakha elinye likaMose, futhi sizokwakha elinye lika-Eliya. Sizoba . . . Sizoqala nje lapha, ngamathathu ukuba siqale ngawo."

171 Manje, o, into enje pho. Ngiyajabula ukuthi yena . . . akuzange kudlule, ngoba a—angifuni ukuza kuMose. UMose wayemele umthetho, futhi umthetho awunawo amandla okusindisa. Umthetho ungakufaka ejele kuphela, angeke ukukhiphe. Umthetho awunamusa kuwo. Qhabo, mnumzane. Umthetho wawungumfundisi wesikole, futhi umthetho wawusilahla kuphela. Umthetho wasibonisa ukuthi sasiyizoni, kodwa wawungenamusa kuwo.

172 Khona-ke, wenzani u . . . wayemeleni u-Eliya na? Ubulungiswa, abaprofethi. Isihe, asibufuni ubulungiswa baKhe. Uma ngithola ubulungiswa, bengizofa, futhi sonke besizokufa. Asifuni ubulungiswa. Bengingeke ngifune ubulungiswa, ngi . . . bengingalahlwa. Asibufuni ubulungiswa baKhe, angibufuni ubulungiswa bukaNkulunkulu.

173 Kodwa, "Esakhuluma . . . " Wathi, "'Asakhe amadokodo amathathu lapha.' Futhi ngenkathi nokho esakhuluma . . . " Ngiyajabula kakhulu uNkulunkulu wamnquma. Ya. Wathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni." Akanandaba

nokuthi mangaki amahlelo owaqalayo, nokuthi kungaki *lokhu* okuqalayo, nokuthi kungakanani okwa*lokhu* okuqalayo. "Lo iNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni." Yini Angitholele yona na? Unomusa, Unokuxolela, Unokuphulukisa, Unensindiso.

174 Ngakho, kulobubusuku, angizi njengenhlangano, ngiyeza, ngihlezi nabafowethu, bonke, ngiyabathanda bonke, zonke izinhlangano, kodwa ngiza ukuzomela uMuntu oyedwa kini, iNdodana kaNkulunkulu ethandekayo, uJesu Kristu, "Yizweni." Asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje manje.

175 Niyakholwa, kulobubusuku, ngayo yonke inhliziyo yenu na? Ningacabangeli nje, ningakwemukeli ngesivumokholo, kodwa kwamukeleni ngoba nina, phansi enhliziyweni yenu nasemphefumulweni, niyakwazi, ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, niyakukholwa. UNkulunkulu anibusise. Angazi ukuthi bangaki lapha, naphezulu kuvulandi osesitezi manje, lowo ongesuye umKristu, futhi bangathanda ukuza bazozwa uKristu na? "Yizweni." Lawo magama amathathu amancane, "Yizweni," uma uzoYizwa, impilo yakho izoguqulwa, kulobubusuku. Nawe wena ohlubukile, wake waMazi futhi ususukile kuYe, "Yizweni."

176 Futhi wena ongenaye uMoya oNgcwele, futhi uyazi ukuthi *lokho*, ufanele ube na*leyo* Mbewu emilayo noma angeke Iqhamuke. . . Nina balimi niyakwazi lokho. Uma leyombewu ingamili, akunandaba ukuthi ibukeka iyinhle kanjani, angeke iphile. Akunandaba ukuthi ungayilingisa kangakanani impilo yomKristu ngokuphila okuhle, ufanele uzalwe ngokusha. Ufanele ube nalowoMoya oNgcwele; awunaWo, khona-ke woza "Yizweni."

177 Futhi nina bantu abagulayo phakathi lapha, abanye abanenkathazo yenhliziyo, abanye abasezihlalweni ezinamasondo, abanye bazofa khona lapho uma uNkulunkulu enganenzeli okuthile, ngeke yini niYizwe na? Unguye izolo, namuhla, naphakade. Ungadangali manje. Ngifuna niYizwe, niYikholwe, Ngifuna nikholwe ukuthi Ulapha futhi uzonipha khona.

178 Manje, nina emuva lapho, enikhothamise amakhanda enu manje, nayo yonke inhliziyo ikhuleka, wena oyisoni futhi ongamazi uKristu (Futhi ukuqala umhlangano kahle, asifakazise kuNkulunkulu ukuthi siyaMthanda.) yenyukelani lapha nizungeze i-altare futhi asikhuleke. Nizokwenyuka na? Sukumani niphume esihlalweni senu, wozani. Mngane oyisoni, noma ngabe ukuphi, woza, uzwe iNdodana kaNkulunkulu ikhuluma ukuthula enhliziyweni yakho, ukuthula njengomfula. Uzoza na?

> . . . ngizule;
> Vula kakhulu izingalo zaKho zothando,
> O, Nkosi, ngiza . . .

Manje, awukaze usibone isimangaliso, uthi, "Angikaze. . ." kodwa ngaphambi kokuba ubone noma yini, woza, wemukele uKristu kuqala.

Ngiza. . .

Khona-ke uzoba sendaweni yokwamukela izimangaliso, nezinto, ngenkathi ubona izinyonga zihamba nezimpumputhe zibona.

O, ngeke kusaba khona. . .

179 Ngobunye ubusuku, inenekazi elinengane encane yayinekhanda elinamanzi, phezulu le e. . .UNkulunkulu akubusise, Dadewethu. Wayenalengane encane enekhanda elinamanzi. Sasisanda kuba nomkhuleko wayo. Bayisa kudokotela, ngakusasa ekuseni, u—udokotela wathi, "Kwenzekeni kulomntwana na?" Kwethusa umakhelwane, ezweni lapho, ikhanda labohla, ngokwejwayelekile, iyabuya, ikahle.

. . .ngiz'ekhaya.

Woza, ubone isimangaliso esikhulu kunazo zonke: uKristu, ukuguqula inhliziyo yesoni.

. . .ekhaya, ngiz'ekhaya,
Angisophinde. . .

Ngeke nisukume futhi nize na? Kuthiwani ngawe manje, ozulazule wasuka kuNkulunkulu na? Kuthiwani ngawe na? Uzoza na? Ngingabuza wena kuphela, uyazi. Yisinqumo sakho.

. . .Izingalo zakho zothando,
O, Nkosi. . .

Uzulazule wasuka kuYe na? Yenyuka, kulobubusuku, nalona wesifazane, *lapha*. UNkulunkulu akubusise. Khuphuka, siyakumema. Khuphuka khona manje. Kunjalo.

Ngiza. . .

Kuthiwani phezulu kuvulandi osesitezi na? Sizonilinda, abantu bazoqhela ezitebhisini, futhi ningehla niqhubeke ngqo. Wozani nehle, si. . .sinilindile.

O, ningaphinde nizule;
Vula kakhulu izingalo zaKho zothando,
Nkosi, ngiz'ekhaya.
Ngiza. . .

Mngane ongumhlubuki, ngifisa nje sengathi ubungeza; uzoqala imvuselelo kahle uma uzokwenza. Zenzele ukuthula kwakho. Kunjalo.

. . .zulazula;
Vula kakhulu izingalo zaKho zothando,
Manje, Nkosi, ngiza. . .(. . .?. . .)

180 Manje, njengoba amaculo esashaya kamnandi, ngifuna ukunibuza okuthize. Uma ufuna ukubona imvuselelo iqala, iqale kuwe uqobo. Niyabo? Ifanele iqale kuwe. Ukukholwa kuzofanele kuqale.

181 Manje, kuthiwani ngabanye benu bantu abangamalungu ebandla na? Ngabuza lokhu eGrass Valley, ngobunye ubusuku, ngaphambi kwalokho *kuhlanza*, njengoba sasikhuluma ngakho, futhi ngababuza bonke labo besifazane ngisho, ababephungule izinwele zabo futhi begqoke izingubo nezinto, ngababuza, ngisho nabefundisi basukuma futhi bavuma ukuthi benze iphutha, khona-ke uMoya oNgcwele uyangena.

182 Ufanele ulungise, mngane. UNkulunkulu angeke akhe isisekelo phezu kwento ezowa, kuzofanele kwakhiwe—kwakhiwe phezu, hhayi ingqondo ethize, ukusetshenzwa ngemizwa, kuzofanele kuze ngeZwi likaNkulunkulu. Uzimisele ukuvuma ukuthi unephutha, lungu lebandla na? Khuphukela lapha futhi ukhuleke kanye nami? Ngizokhuleka nawe.

183 Wozani manje, abanye benu bantu abaziyo ukuthi unephutha, ubone ukuthi uqotho kangakanani, yenyukela lapha phambi kukaNkulunkulu, uthi, "Ngiyabona ukuthi nginephutha, ngizokulungisa."

184 UNkulunkulu akubusise, Nenekazi. Leyo yindlela yokuthola okuthile kuNkulunkulu. Kunjalo. UNkulunkulu akubusise, Nenekazi eliselincane. Kulungile. Sisacula futhi, woza manje, lungu lebandla, abesilisa, abesifazane, noma ngabe ungubani, woza uguqe phansi lapha. Siyazi uma sinephutha, asivume ukuthi sinephutha. Ini...? Ungathathi ishansi, angeke usaphinde uthole ishansi. Wena...Kuthiwani uma ufa kulobubusuku na?

185 ELos Angeles ngangishumayela ngensindiso, lapho eCow Palace, eSouth Gate, futhi ngangishumayela ngensindiso, owesifazane omdala, eseneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, wayeyeke insindiso impilo yakhe yonke, uza e-altare, futhi wagcwaliswa ngoNkulunkulu ngalobobusuku, waya ekhaya, futhi waya kuNkulunkulu, waya ekhaya futhi wahlangana noNkulunkulu. Umusa kaNkulunkulu, cabanga ngakho, yonke leyo minyaka bese-ke ufika ngalesosikhathi sokugcina. Kuthiwani ukuba wakugeja ngalesosikhathi na? Kulobubusuku, usekuthuleni kukaNkulunkulu. Ukube wayekugejile lokho, wayengabe esehambile phakade.

Woza manje. Ngeke uze ngenkathi sisacula futhi na? (Dadewethu, wena, nonke.)

Ngiz'ekhaya...

Woza, Mfowethu; woza, Dadewethu, asikume sizungeze i... Kulungile. Omunye ubabayi omdala uguqa phansi lapha, ukuba akhuleke.

Ungaphinde . . . zulazula;
Vula kakhulu izingalo zaKho ze . . .

186 Lungu lebandla, uyazi. Bangaki phakathi lapha oke waba semihlanganweni yami phambilini (Phakamisani izandla zenu.), imihlangano iNkosi enginike yona na? Khona-ke nonke niyazi ukuthi ngikhuluma ngani, uMoya oNgcwele. Ngaphansi kokubona okufihlakele, Ngibheke kwabangamadazini amabili noma ngaphezulu, khona lapho, okufanele beze. Kunjalo. Kunjalo impela. Yingalesosizathu ngibambe ngendlela engibambe ngayo. Woza.

187 Asibhekane nakho manje, bangane. Ningase nicabange ukuthi ngizama ukunithethisa, anginjalo. UNkulunkulu uyakwazi lokho; ngilapha ukuze nginisize. Ngingamane ngibe sekhaya nomndeni wami, kwenye indawo, kunokuba ngime lapha ngingumkhohlisi, noma umzenzisi, ngife emva kwayo yonke lempilo yokuzabalaza emhlabeni wonke, nakho konke, ngishiya umndeni wami nezinto, nabathandekayo bami, futhi ngimi lapha.

188 Niyazi angizeli imali. Sengake nganicela imali na? Qhabo, mnumzane. Ngike ngazama ukuthandwa ngabantu na? Ngiyakugwema, anginayo ithelevishini, umsakazo, lutho. Anginalutho. Ngiyeza ukuze ngikwazi ukuza emabandleni amancane nezinto, futhi ngiphumele lapha; ngiyeza ngoba ngiyaMthanda. Ngibeka amahlombe ami nalabobafowethu, futhi ngizama ukusunduzela yonke into eMbusweni kaNkulunkulu.

189 Nifundile kwiBusiness Men's *Voice* ngokufana nokuguqulwa okuncane, ebenginakho muva nje, ngibone iZulu nabo bonke labo abathandekayo, futhi ngibone lowo wesifazane, oneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, wayeze kuKristu, lowomuntu osemusha othandekayo.

Wathi, "Awumkhumbuli na?"

Ngathi, "Angimkhumbuli."

190 Manje, anikwazi ukukugeja, bangane. Futhi khumbulani, ukuguqula okukodwa okungalungile okuncane kweZwi kwagcina konke *lokhu* . . . bekungavimba konke *lokhu* ekwenzekeni. Woza. Masibe ngempela—masibe qotho ngempela ngakho. Asi—asize.

191 Futhi manje, uma uzokwenza lokho, lapho uphakamisa isandla sakho, uzothola, uzobona ukuthi uNkulunkulu uzophendula. Niyabo, inkathazo yakho ukuthi, kuyadlula bese uthi, "Ya, ngikholwa ukuthi lokho kulungile." Kodwa uqonde ukuthi uvumela uSathane abeke lokho phezu kwakho ngqo futhi akuthambise, lapho wazi ukuthi indawo yakho *ilapha*? Ngingakutshela ukuthi ngu "ISHO KANJE INKOSI."

192 Manje, bukani yonke eminye imihlangano, nibone ukuthi isebenza kanjani, nibone ukuthi anginitsheli yini iqiniso. Ubusuku bokuqala engake ngaba nabo nomhlangano ngaphandle kwalowomugqa womkhuleko, ngokuba ngenza lokho impela uMoya oNgcwele angitshele ukuba ngikwenze, "Thola lesosisekelo kuqala," ngoba ngibonile, kwenzeka khona *lapho*, "bese-ke wakha kusukela lapho." Kulungile. Lungu lebandla, ngiyakudabukela. Kanye futhi, mantombazane, uma nithanda, nonke.

Ngiza . . .

193 Nkosi Nkulunkulu, ngiyacela, ngiyakhuleka, Baba, yilokhu kuphela engikwaziyo ukukwenza. Lahla ngecala wonke umuntu onephutha, Nkosi, bayazi ukuthi banephutha. Ngiyakhuleka ukuthi Uzosipha khona, Nkosi, ukuze babone inkazimulo kaNkulunkulu osukwini okwamanje, ngokuba iziNkanyiso zakusihlwa sezilungiselela ukukhanya, ilanga liyashona.

194 Ngiyakhuleka, Baba, ngomusa nesihawu, yiba nesihawu, Nkosi, ngiyakhuleka njengoba silindele Wena. Siphe khona, Nkosi. Sindisa laba abasindisekayo manje, thola udumo, ungavumeli umhlangano wehle ngenxa yabanye. Ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona, kulobubusuku, Nkosi, eGameni likaJesu.

Ngiz'ekhaya, ngiz'ekhaya,
Angisophinde ngizule;
Vula kakhulu izingalo zaKho zothando,
Manje, Nkosi, ngiz'ekhaya.

195 Ngiyamangala, bangaki, phandle lapho, owaziyo ngempela ukuthi ukhuleka kanjani, okholelwayo kuNkulunkulu, futhi uyazi ukuthi uphila ngaphezu kwazo zonke izinto zezwe ngomusa kaNkulunkulu na? Izinto zezwe azikukhathazi, izimfashini nokungcola kweHollywood okushushumbile . . . Khumbulani, impucuko ihambe nelanga; lolu uGu lwaseNtshonalanga, nakhu lapho elahlwe khona phansi. Ngakho lapha yilapho kuhlala khona yonke imimoya engcolile . . . Niyazi, lelo yiqiniso: ukuhlanekezela, ubungqingili, abesifazane abaziphethe kabi.

196 Bheka nje ukuthi yini eyaqala ekuqaleni; buka ezinsukwini zokugcina ukuthi kwenzekeni. Nakhu khona lapha, kulahlwa oGwini lwaseNtshonalanga, izimfashini zomhlaba zisuka, khona lapha, kusuka eSeattle nangapha, uzohamba . . . Nanso iParis phandle lapho, iqhubeka, abesifazane babo abanqunu, nakho konke; bese kuthi-ke uku . . . sasivame ukuya lapho ukuthola izimfashini zethu, manje sebeza lapha. Ihlazo kulesisizwe esizibiza ngesizwe samaKristu. Nkulunkulu, yiba nomusa, sindisa abasindisekayo umkhuleko wami.

197 Uyakhulumisana noNkulunkulu futhi ukhathalele imiphefumulo elahlekile, khuphukani nizungeze i-altare

manje, asibe nezwi lomkhuleko nalababantu. Wozani, sisacula futhi. Nonke bantu abahle, nina madoda nabesifazane abamesabayo uNkulunkulu, enikholelwayo ngempela kuNkulunkulu, phumani ezihlalweni zenu futhi nenyukele lapha, asikhuleke. Asithole . . . Asivumele lababantu bazi ukuthi silapha ukuzobasiza. Si—silapha ukuba sime emva kweZwi likaNkulunkulu, silapha ukusiza. Kunjalo.

Ngizulazule kude . . .

198 Abanye benu phezulu lapha, nifuna ukwehla, bazalwane, nize ngaphambili ngqo, lokho kulungile. Lababantu bazobe beya emabandleni enu, ngakho kungcono nehlele phansi lapha, ningisize.

Ngiz'ekhaya;
Vula kakhulu izingalo zaKho zothando,
Manje, Nkosi, ngiza . . .

(Ngasiphi isikhathi . . .?. . .) Amakhadi omkhuleko kusasa ngehora lesithupha nqo. Wonke umuntu . . .?. . .

199 Manje, wonke umuntu, asime ngezinyawo zethu manje. Wonke umuntu, nxazonke phandle lapho, sisakhulekela laba, asikhothamise amakhanda ethu manje futhi siphakamisele amaphimbo ethu kuNkulunkulu.

200 Baba wethu waseZulwini, siyeza, kulobubusuku, eGameni leNkosi uJesu ukubonga nokudumisa ngeNdodana kaNkulunkulu. Ukhuluma eZwini laYo, futhi siyaYizwa, IPhimbo laKhe libiza livela emaZulwini, futhi siyazi ukuthi Uhlala enguye izolo, namuhla, naphakade. Manje, makuthi amandla kaNkulunkulu afike phezu kwalababantu abalahlwe ngecala futhi abasindise empilweni yesono. Siphe khona, Nkosi.

201 Ibandla likhuleka, uSathane unqotshiwe. INgelosi yathi, "Uma ngingathola abantu abayishumi eSodoma lokho kulungile." O Nkulunkulu, nakhu kumi, kulobubusuku, isibalo esikhulu sabo, simile silungele, silindele umhlangano, Nkosi, imvuselelo yokuthululwa kukaMoya oNgcwele, nokuphulukiswa kwabagulayo. Siphe khona, Nkulunkulu waPhakade, ngoJesu Kristu, iNdodana yaKho.

202 Phakamisani izandla zenu manje. Kholwani ukuthi Uzokwenza. Bekani izandla omunye komunye, khulekani. Yiba nokukholwa futhi ukholwe, uNkulunkulu uzokupha khona. Amen.

(Asikho isidingo . . .)

